# UMBHAPHATHIZO KAMOYA ONGCWELE

Impela ngijabula kakhulu ukubona abaningi impela bephumile kulobubusuku, emva kokuba mina nginihlalise kwaze kwaba phakathi nobusuku izolo ebusuku. Angicabanganga ukuthi benizophuma nonke namhlanje, kodwa kubukeka sengathi nizophuma niye esikoleni sangeSonto, nalokho kuhle kakhulu.

2 Manje siyatadisha futhi sizama ukuthatha isikhathi sethu nje phezu kwaleMfundiso yebandla. Futhi ngiyaYifundisa nje. Manje kungahle kubekhona izihambi ezithize kanye nathi, lokho angikwazi. Angikho lapha etabernakele ngokwenele ukuba ngazi ukuthi ngubani abangamalunga ebandla. Kodwa ngingamemezela ukuthi lokhu kuzoba ngokwamalunga nje ebandla. Ngoba, phandle, abantu unezimfundiso ezahlukene eziningi kakhulu, kanjalo njalo. Awu, futhi, bayazikholwa lezozinto. Bafundiswe ukuba bazikholwe. Futhi—futhi—futhi manje-ke uma uza kwelinye ibandla, mhlawumbe, futhi lifundisa into ephambene kakhulu, awu, manje-ke bayacabanga, "Awusho, angivumelani naLokho." Niyabo? Awu, asiqondile ukuba sibe l'hlaza noma ukuba silimaze noma ubani, isizathu sokuba senze lokhu. Manje, kholwa yinoma yikuphi okufisayo. Kodwa si . . . Ngibeka lokhu, futhi kufanele ngikwenze kuqine ngempela, ngoba sifanele sikubethele ngesipikili. Yilokhu itabernakele elikumeleyo, niyabo, lokhu esikumeleyo nje lapha. Futhi, leyondlela, singethande ukuba nizizwe nikhubekile futhi nicabange ukuthi besizama ukunilimaza enkolelweni yenu, noma yini enjengalokho. Akusikho lokho nhlobo. Futhi lena yi . . .

3 Sedlula kulokhu cishe njalo eminyakeni emibili noma emithathu, ngapha, futhi lokho esikumeleyo, imfundiso nje, esiyimeleyo, nokuthi sikwenzelani. Ini, ukuthi sikukholelwani Lokhu. Futhi ngakho uma kuba khona izihambi lapha esingesilo i—ilunga lebandla, sijabula ngempela ukuba sibe nani ukuba nihlale phakathi kulengxoxo kulokhu kusa nakulobubusuku futhi.

4 Futhi, manje-ke, ngoLwesithathu kuzoqala umkhankaso ovamileyo emhlanganweni, ngiqonde ukuthi, etabernakele lapha. Futhi kade ngingekho isikhashana, ngisekuphumuleni okuncane. Ngikhathale ngempela, ngempela, futhi kwadingeka ngihambe, ukuba ngiphumule isikhashana. Futhi ngisanda kubuya nje, ngizizwa ngikahle, ngizizwa kumangalisa. Futhi

ngakho ngizohamba futhi, masinya nje uma kuphela lokhu, futhi ngeke ngibuye kuze kube nguJanuwari. Angiyi kunoma yimiphi imihlangano; ngiyahamba nje, ngiqhube ukuphumula ebengikukho.

5 Kodwa, uma singena, sithole ibandla lithi ukuba sekuphathekeni kabi lapha nalaphaya, namanye amalunga abeseqale ukuthi ukuba luvivi kancane, ayahosheka, ebamba ubutha obuncane komunye nomunye, nokunjalo kanjalo. Ngajikeleza, ngisuka kwelinye ngiya kwelinye, sesize sakuqondisa konke lokhu manje. Sekulungile konke. Niyabo?

6 Futhi akukho okungalungile. Bekungekho okungalungile kunoma yiliphi lamalunga. Onke angabesilisa nabesifazane abanomoya omuhle. Uma nje ebengaqonda ukuthi lokho nguDeveli, ungena phakathi kwabantu. Kunjalo impela. Akusibo abantu. Uma ungadedela umfowethu akubone lokho, khona-ke angebambe butha ngomunye umfo. Une . . . Uyo—uyophatheka kabi. Uyozwa sengathi, "Awu, lokho yi . . . Ngiyamzwela umfowethu." Niyabo, uma enze okungalungile, ngani, bekungesuye umfowethu. BekunguDeveli owenze lokho.

7 Wena uthi, "Awu, lomfo wenza into *ethize, thize*." Umfowenu akakwenzanga lokho; udadewenu akakwenzanga lokho; lowo bekunguDeveli ongene kubo, okwenzile. Ngakho ungasoli umfowenu, udade, sola uDeveli, nguye okubangelile.

8 Futhi ngakho manje kuleziziMfundiso zebandla, manje, zingahle zibe yinqaba kakhulu kuwe. Zingahle zibe ngukuthi ungevumelane nazo, nhlobo. Kodwa nje si . . . Yilokho esikukholwayo. Siyakukholwa ngenxa yokuthi kuseBhayibhelini, futhi sikufundisa ngaleyondlela.

9 Manje, izolo ebusuku, indaba yethu ibithi: *Kungani Singesilo IHlelo?* Manje, siyinhlangano ngoba siyibandla, kodwa asisilo ihlelo. Futhi benginikeza izizathu ukuthi kungani singesilo ihlelo.

10 Manje, njengoba sivula ingxoxo kulokhu ukusa, ngaphambi kokuba senzenjalo, asikhuleke.

11 Nkulunkulu othandekayo, kuseBukhoneni baKho obuNgcwele ukuba size futhi ukuba sicele ukuhlanzwa kwezingqondo zethu uqobo, imiphefumulo yethu, ukuze sizethule kuWe njengethuluzi Obungasebenza kulo, nangalo, enkazimulweni yaKho uqobo. Futhi, Baba, hlanza imicabango yami, nengqondo yami, nokukhuluma kwami, ukuze kungabi yimi engikhulumayo; kodwa uMoya oNgcwele ukwazi ukugcoba izindebe, nangobumba, ukuze lulethe amaQiniso uNkulunkulu uSomandla azofuna iBandla laKhe liwazi.

12 Futhi singacela Wena, ke, Nkosi, uma Wenza lokho, ukuthi Uzohlehlisa onke amademoni e—enkathazo, nawo onke amademoni obutha nobubi, asuke kubantu, ukuze bezwe uMoya oNgcwele ekhuluma, ukuze uNkulunkulu emukele inkazimulo

ngokubuthana kwethu kulokhu ukusa. Futhi uma kubakhona into eyodwa ezinhliziyweni zethu engekho nje ncamashi esimweni, lapho Ongakhuluma kithi, O Nkulunkulu, kukhiphe ukulahle kithi, njengoba iMpumalanga injalo kwiNtshonalanga. Ngokuba, singazi kuphela intando kaNkulunkulu, ukuba siyenze. Ngakho sihole ngoMoya waKho oNgcwele, kulengxoxo ezayo phezu kweBandla neMfundiso yaLo, nokuthi Lifanele limele ini, nokuthi kungani Lifanele limele okunjalo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

13 Manje, izolo kusihlwa besinikeza u—umcabango wokuthi kungani besingesilo ihlelo elihleliwe. Futhi si . . . Izendlalelo ezincane nje zalokhu. Yingoba siyathola, ukuthi, ehlelweni, kudweba isivimbelo.

14 Manje, sinezinto eziningi esizozixoxa. Futhi sikuxoxile, ukuthi kungani singabavumanga abefundisikazi ebandleni, izolo ebusuku.

Futhi kulokhu ukusa sifuna uku, indaba, uma sinokwenzeka: *UMbhaphathizo KaMoya oNgcwele*, nokuthi yingani sikholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, nokuthi ufika kanjani umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokuthi Wenzani, nokuthi Ukwenza uziphathe kanjani kamuva.

15 Futhi manje-ke kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi, "Inzalo yenyoka, yalokhu kulolusuku." Manje, abantu abakholelwa enzalweni yenyoka, kodwa ngumBhalo. Niyabo? Manje, kungakhathaleki nge . . .

16 Manje, lokhu, uma ngikwenza lokhu kuqine ngempela, angikuqondile manje kini—kini bantu abathandekayo. Into kuphela engizama ukuyenza ngukukushayela kungene, futhi sizokwenza kube mahhadlahhadla, niyabo. Ngakho ufanele ukhulume njengo . . . Wena uthi, "Johnny, hamba uhlale phansi," angahle angakulaleli lokho. Kodwa thana, "Johnny, hlala phansi!" UJohnny uzokunaka kakhulu. Ngakho manje sizompompoloza, "Johnny, hlala phansi," kulokhu ukusa. Kulungile. Ngifuna ukukukhuluma ukuze niqonde ukuthi sisho ukuthini. Niyabo?

17 Futhi uma sisho into ephambene nemicabango yakho, nenkolelo yakho, asisiyo into eyodwa . . . Khumbula, lokho, kulelibandla siyibandla elingakhethi-hlelo, sikholwa ukuthi iBaptisti, iMethodisti, iPresbyterin, iLuthela, iKatolika, iProtestane, iJuda, noma ngabe uyini, inqobo nje uma engumfowethu, ungumfowethu, yilokho kuphela, akunandaba ukuthi usonta kuliphi ihlelo. UNkulunkulu akasoze ambambela lokho, ngokuba sehlelweni.

18 Kodwa, isizathu amahlelo eyiwo. Manje, nakhu okuqala amahlelo. UNkulunkulu uyokwembula into ethize encane komuny'umuntu, futhi bayofika bese benza ihlelo

ngakuleyonkolelo abanayo, bese kuthi-ke uNkulunkulu angabe esakwazi ukuqhubekela phambili.

19 IMethodisti yayingake yemukele kanjani noma yini engaphezu komsebenzi wesibili womusa na? Bazihlela bona phansi kwalokho. AmaBaptisti ayengake akholwe kanjani ngokunye futhi kunalokho a . . . "Abalungileyo . . . " Noma, iLuthela, njalo, "Abalungileyo bazakuphila ngokukholwa." Yilokho abazihlela ngaphansi kwakho. AmaBaptisti angabe esaqhubekela kanjani phambili kunoma ehamba na? "Ngani, uma ukholwa, wemukela uMoya oNgcwele. Bese ucwiliswa emanzini, nalokho kuqeda konke." Ngani na? Yilokho azihlela phansi kwakho. Niyabo? Kungani iPentecoste ikholwe, ukuthi, "Uma ukhuluma ngezilimi, unoMoya oNgcwele, nalokho kuqeda konke"? Isizathu bazihlela phansi kwakho. Mfowethu, lezozinto zingahle, zonke, zibe kahle, kodwa uNkulunkulu akaboshiwe kunoma yiliphi ihlelo elincane. Usabalala phezu kwento yonke nje, yilokho kuphela. Futhi—futhi si—siyakukholwa lokho.

20 Futhi yingalesosizathu singabi silo neze ihlelo. INkosi isinike ithuba lokuba sihlanganise lelibandla elincane emahlelweni amaningi ehlukene, kodwa asikwenzi. Ngoba, sifuna ukuhlala kanjena nje ukuze libe ngaphansi kokubusa nobunhloko bukaJesu Kristu. Kunjalo. Noma yini Ayembula kithi, futhi siyabona ukuthi kuyiQiniso, futhi kuhambisana neZwi laKhe, yonke indlela emuva le naphambili eBhayibhelini lonke, ukuthi kuyiQiniso, noMoya uyavuma kukho, asinazivimbelo zobuhlelo zokusibamba ukuba singakuvumi Lokho. Siqhubeka ngqo siyongena kuLo, futhi siqhubeke ngqo.

21 Futhi ngakho uma ihlelo lisho lokho, njengechurch of Christ, baphansi kwehlelo, elithiwa yichurch of Christ, ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, nazo zonke lezizinto ezinjalo." Ngani, ubungake uze ukutholephi lokho emBhalweni na? Kodwa akukho okunye ababengakwenza ngakho. Bahlelwe phansi kwalokho, niyabo, ngakho akukho ongakwenza ngakho.

Kodwa sifuna ukukhululeka, lapho nje esingahamba khona njengoba uMoya usihambisa, ngezinjulo ezijulile nezimpakamo eziphakeme, futhi nje silokhu siqhubeka, siqhubeka, siqhubeka, siqhubeka, siqhubeka, siqhubeka, nje noma ngabe yikuphi.

22 Kodwa manje ngeke savuma noma yiyiphi intshisekelo. Sidweba umugqa khona lapho. Uma umuntu ethola into ethize encane iNkosi iyembula kuye, futhi ingavumelani naleliBhayibheli, kuyothi ngci eBhayibhelini lonke kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni, kube yimfundiso, khona-ke ngeke sikuvume. Niyabo? Kufanele kuvele eBhayibhelini. Futhi ngeke nje kufike ngesambulo somuntu othize. Uma isambulo sihambisana neZwi, kulungile.

23 Indoda ifika kimi, esikhathini esithize esedlule, yayisithi, "Ngisanda kufika eUnited States, Mfowethu Branham."

Yathi, "Manje, ngajwayelana nodade ongumKristu, futhi," yathi, "lodade ongumKristu wayengomunye wabesifazane abathandeka kakhulu impela. Kodwa," yathi, "bafika bathola ukuthi wayenamadoda amathathu noma amane. Futhi," yathi; "lokho—lokho, impela nje ngesikhathi sengimazile, selokhu ngibe lapha izinyanga ezintathu, wayiyeka leyo eyodwa wayeseshada nenye." Yayisithi, "WayenoMoya oNgcwele, wayekhuluma ngezilimi ngokupheleleyo ngaso sonke isikhathi, njalo nje, futhi," yathi, "wanikeza iziprofetho nesambulo." Yathi, "Wayengowesifazane ogcwaliswe ngoMoya ngempela. Futhi wayengumfundisikazi." Yayisithi, "Ngahamba futhi ngabuza iNkosi, 'Kungani into *enje-nenje* yenzeke na? Kungani ukuba lona wesifazane enze into enjengalena na?'" Yayisithi, "Ngaba nephupho lomkami. Nomkami wayezwana nenye indoda, okwakuyisimilo esibi. Kwase kuthi-ke," yathi, "uyafika wayeseguqa phansi ngasezinyaweni zami wayesethi, 'Uzongithethelela ngalokho engikwenzile na?'" Yathi, "'Impela, ngiyakuthethelela.' Yayisithi, 'Yingani ungithethelele ngokukhululeka kangaka na?' Yathi, 'Ngoba ngiyakuthanda.'" Yayisithi, "INkosi yaphendula ephusheni futhi yangitshela, ukuthi, 'Yingalesosizathu ngimthethelela, yingoba ngiyamthanda.'"

24 Ngathi, "Mnumzane, iphupho lakho lalimnandi kakhulu. Lalilihle kakhulu, kodwa iNkosi ayikuniki neze lelophupho. Alibambisani neZwi laYo." Kunjalo. Ngeke lasebenza neZwi laYo. Akunandaba ukuthi libonakala lingelangempela kanjani, lifanele livele eZwini.

25 ETestamenteni eLidala, babenezindlela ezintathu zokwazi umlayezo. Kuqala, kusobala, kwakungumthetho; okulandelayo, kwakungomprofethi; okulandelayo, kungomphuphi. Manje, umthetho wawuyindatshana ebhaliwe eyayigcinwa emphongolweni, naleyo kwakuyimiyalo nemithetho emiyalweni. Bese kuthi-ke umprofethi wayeprofetha, noma umphuphi wayephupha iphupho. Okungukuthi, uNkulunkulu usebenza ndlela zombili, ngabaprofethi namaphupho. "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyozazisa kuye nga—nga—nga—ngamaphupho, futhi Ngiyozembula kuye ngemibono. Futhi uma lokho akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni, ngokuba Nginaye. Uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa."

26 Manje, kwakuthi uma bethatha oprefethayo, umprofethi, noma umphuphi, futhi (bona) wayenephupho noma isiprofetho, futhi babefuna ukuthola ukuthi ngabe lokho kwakuyiqiniso noma qha, babemenyusela kulokho okwakubizwa nge Urimi Thumimi.

27 Manje, ngiyazi ukuthi mhlawumbe, kwabanye—abanye benu, igama elil'khunyana. Kodwa okwakuyikho, eqinisweni kwakuyi... uAroni engumpristi omkhulu phezu kwe—

kwezizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli, wayenamatshe ayisithupha ohlangothini ngalunye lwesivikelo sesifuba. Futhi itshe ngalinye laliyitshe lokuzalwa kwesizwe, njengesizwe sakwaJuda, isizwe sakwaGadi, isizwe sakwaRubeni, isizwe sakwaBenjamini. Ngasinye sasinetshe lokuzalwa. Bese kuthi-ke uma lelotshe lokuzalwa. . . Lalilenga kwesinye sezivikelo endlini yokukhonzela, noma insika yetshe. Bese kuthi-ke uma beletha lomprofethi owayenesiprofetho athi iNkosi yayizokwenza into ethize, futhi babemletha phambi kwalapha, bese esho isiprofetho sakhe, noma asho iphupho lakhe. Manje, uma uNkulunkulu wayekulelophupho noma kulesosiprofetho, lezozibani ziqala ukuhlangana ndawonye bese zenza njengombala wothingo lwenkosikazi okubonisa ukukhanya, impendulo yongaPhezu kwemvelo. Niyabo? Kunjalo. Evumelana nalo lonke itshe phakathi lapho, lonke itshe lihlangana thaqa nenxenye yalo ndawonye, liphendula ngokubonisa ukukhanya nempendulo evela kuNkulunkulu, "Lowomuntu ungumprofethi. Ukhuluma iqiniso." Noma, "Lelophupho lithunyelwe yiMi." Kodwa uma nje ihlale ilele futhi inganyakazanga, angikhathali ukuthi lalibonakala liyilo ngempela kanjani, laliyiphutha. Babengalemukeli.

28 Umfanekiso wokwenza omuhle kangaka namhlanje. Manje, iUrimi Thumimi yeTestamente eLidala isiqediwe, ngoba yashintsha ubupristi. Manje iUrimi Thumimi iyiZwi likaNkulunkulu, iBhayibheli. Yebo, mnumzane. Phakathi lapha, iBhayibheli lathi, "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe liqiniso." Futhi akunandaba ukuthi libonakala lingelangempela kanjani uma umuntu elisho, noma iphupho lakhe lingelangempela kanjani, noma isambulo sakhe sinjalo, uma sona, yonke iNcwadi eBhayibhelini, lonke iBhayibheli, lingakubonisi ukukhanya kuLo, ukuthi liyiQiniso, lishiye kanjalo, lishiye kanjalo.

29 Manje, ungathatha isiqephu esincane somBhalo lapha, bese uthi, "UJesu wenza *ukuthi-nokuthi* nathi sifanele senze okufanayo," ungaWenza usho noma yini ofuna ukuWenza ukusho. Kodwa kufanele kusuke ekwedluleni le futhi kuhambisane ngokuphelele neZwi likaNkulunkulu, khona-ke kuqinisile, lowo nguNkulunkulu esho njalo. *Yile* iUrimi Thumimi.

30 Ngakho-ke, uNkulunkulu akazange akwenze, kunoma yimuphi unyaka, abe nehlelo lamabandla. Ngitshele ukuthi kwakunini. Futhi, manje, lalingekho neze ihlelo kwaze kwaba yiminyaka engamakhulu amathathu namashumi ayisithupha emva kokufa komfundi wokugcina. Lelo kwakuyibandla lamaRoma eliKatolika. Futhi e. . . Ibandla lamaRoma eliKatolika, uNkulunkulu walibiza, eBhayibhelini, iSambulo 17, "ngesifebekazi." Lowo ngowesifazane ongcolile. Futhi kulokho, sasinamadodakazi, nalawomadodakazi ayeyizifebe, engcolile

njengoba naso sasinjalo. Yilokho okwashiwo ngumBhalo. Nebandla lamaRoma eliKatolika lazala bonke ubuProtestane, futhi asebuyele emuva ngqo futhi enza yona into efanayo elayenzayo.

31 Nesizathu sokuthi lalingcolile, lalinesitsha sezimfundiso esandleni salo, iwayini lolaka lobufebe balo. Futhi lilinika amakhosi omhlaba, futhi lihlezi phezu "kwamanzi amaningi," futhi labusa phezu kwababusi bomhlaba. Sithole lokho kunjalo eBhayibhelini. Sithole ukuthi lalifanele ukuba lihlezi phezu kwamagquma ayisikhombisa, ibandla. Sikutholile. Sithole ukuthi lalivunule ngomqhele okathathu: amandla esikhundla esihogo, izulu, nesihlanzo. Kunjalo. Futhi ngumuntu owayengumbusi wakho; wayengumphikikristu, ehlezi ethempelini likaNkulunkulu, ekhombisa ukuthi yena uqobo wayenguNkulunkulu, ethethelela izono emhlabeni. Sibenakho konke lokhu, sedlule kukho futhi sabona ukuthi kuqinisile.

32 Lathi, "Nakhu kuye onokuhlakanipha." Sithola ukuthi uMoya waqhubeka usho ngokuchachile, "Kuye onokuhlakanipha; kuye onokwazi; kuye, imimoya ehlukile, iziphiwo." Animboni lowoNkulunkulu ehambisa leloBandla ngezinsuku zokugcina na? Kuzovuka iBandla eligcwele iziphiwo zokomoya, iziphiwo zikaNkulunkulu zangempela. "Nakhu konokuhlakanipha. Makabale izibalo zesilo, ngokuba kuyisibalo somuntu. Isibalo sakhe singamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha-nesithupha." Futhi sitholile ukuthi lokho kwakukuphi, impela. Bekungeke kwedlula ukuphelela. Kubhale, ngesingawe, i "vicarivs," okungumbambeli kaKristu, i "filii" kaNkulunkulu, *VICARIVS FILII DEI*, futhi ubone ukuthi akunjalo yini, ngezinombolo zakho zesiRoma, futhi ubone ukuthi awunawo yini amakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha-nesithupha. Ubone ukuthi akubeki yini, hhayi phezu kwenye into ethize ezokunika insolo *lokhu* noma *lokho*, kodwa khona endaweni efanayo lapho wonke umBhalo uthi liyobe lihlezi khona.

33 Futhi silapha, amaProtestane, ephuma ngqo. Manje, esizama ukukwenza namhlanje ngukukhipha nokukhombisa ukuthi imfundiso ibandla eliKatolika elayikhiphayo, nelinayo, sizithathele yona khona ngapha ebandleni lamaProtestane. Futhi sinika lokho abantu, okuyingilazi kamoya efanayo yobufebe eliyinikezayo. Isizathu, azikho ngokomBhalo. Zenziwe ngumuntu. Kuyisiprofetho samanga. Ngamanga. NgokukaDeveli.

34 Kwase kuthi-ke sathola, ukuthola isendlalelo esincane, ukukhombisa lokho, unyaka esiphila kuwo. Futhi sakucosha izolo ebusuku, ukuthi, u—umntwana ozelwe engowesihlahla, ivezandlebe, wayengenakungena ngisho ebandleni leNkosi izizukulwane eziyishumi nane. Lokho kwakungaba yiminyaka

engamakhulu amane; iminyaka engamashumi amane esizukulwaneni. Isono sasisibi kakhulu kanjani pho! Sasisibi kanjani, hhayi ukuthi sasi, kodwa sinjalo manje. Futhi uma lokho kwakuphansi komthetho . . .

35 NoKristu ufikela ukwandisa umthetho. Wathi, "Nibezwile bethi, labo abasendulo, 'Ungabulali'; kepha Mina ngithi kini, othukuthelela umfowabo, kungengasizathu, usebulele vele." Wawandisa. "Nibezwile bethi, abasendulo, 'Ungaphingi,' leso kwakuyisenzo; kepha Mina ngithi kini, yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile." Wawandisa, izikhathi eziyizinkulungwane. Awu, uma kuthathe izizukulwane eziyishumi nane ukuba lokho kushabalale, manje-ke kuthiwani uma ingilazi kaNkulunkulu eyandisayo iphoswa phezu kwakho na?

36 Nabantu namhlanje, amatshitshi namabhungu ngaphandle esikoleni esiphakeme, sinamaphathi otshwala, futhi ephuza, ehlala . . . namantombazane amancane ephinga, abafana abancane, nezinto ezinjalo. Nhloboni yesizukulwane esizayo emva kwalesi na? Yini eyenza lamantombazane amancane enze kanjalo na? Umama wawo wayeyisimukanandwendwe, ugogo wawo wayeyintombazane yamakhorasi. Futhi Wathi Uyohambela ububi babazali phezu kwabantwana nabantwana babantwana, esizukulwaneni sesithathu nesesine. Yini ongabuye uyilindele na?

37 Futhi uma zonke izinto ziqala ukuvuza, nembewu elungileyo iqala ukuhlala eceleni, iya ngokuzaca ngokuzaca. Nababi bayaqhubeka nje, bakholwa impela, lokhu beya ngokuba babi, ngokuba babi ngokuba babi, ayikho into engenziwa kodwa ukubhubhisa yonke into njengoba Enza emuva lapho embubhisweni yezwe lasemandulo phambi kukazamcolo. Wonke umcabango womuntu uya ngokuqhubeka ugcwala isono. Yonke into umuntu acabanga ngayo yibhodlela likagologo, noma owesifazane othize, noma ephandle ehla enyuka, abakwazi ukuhlala ngokwethembeka komkabo. Abafana abakwazi ukuhlala ngokwethembeka emantombazaneni abo. Amantombazane awakwazi ukuhlala ngokwethembeka kubafana. Ngani, basendaweni enje uDeveli useze wababopha kakhulu futhi bakhwelwe yimimoya emibi, yonke into isiphenduke isibumbatha sesono. Yingalesosizathu sisosukwini. Futhi yingalesosizathu iRashiya idlala ncamashi ezandleni zikaNkulunkulu, ukuzamazamisa lento iphume lapha. IBhayibheli lisho njalo. Impela. UNkulunkulu usebenzia ubukhomanisi. Uyobusebenzisa. Ubukhomanisi buyobhubhisa yonke into, ngokomBhalo, futhi sikulolosuku.

38 Manje, ukukhipha lezizinto, niyabo. Lalelani, bantu, nibhekene nalokhu. Nani, ku . . . Lokhu kunquma isiphetho sakho saPhakade, ngakho ungakuthathi kube yinto ekalula.

Kubuke kwi—kwiUrimi Thumimi ethintekayo, ukuthi kuwathinta kanjani amaZwi.

39 Manje, uma sikhuluma ngalezizinto, sibone ukuthi ziyabambisana yini neBhayibheli, sibone ukuthi ziyaqopheka yini nalokho okushiwo ngumBhalo.

40 Manje, lonke ibandla, njengoba uthi, "NgingumKristu." "Usonta kuliphi ihlelo na?" Kwenza mehluko muni lokho, ukuthi usonta kuliphi ihlelo na? Siyaqonda ukuthi ihlelo alihlangene ngalutho neBhayibheli likaNkulunkulu. Futhi onke amahlelo amaProtestane ayizifebe. IBhayibheli lakho lasho njalo. Uma uthi uyiMethodisti, uyisifebe seMethodisti. Uthi uyiBaptisti, uyisifebe seBaptisti, uma uthi uyiPentecoste, uyisifebe sePentecoste. Yilokho okwashiwo yiBhayibheli. Ngakho, lingu, "Nina wezifebe." Manje, uma kuyilokho kuphela onakho . . .

41 Manje, uma uhlanganyela kulelihlelo futhi nokho ungumKristu, ungumKristu; futhi awusiyo iMethodisti, awusiyo iBaptisti, awusiyo iPentecostal. UngumKristu. Hhayi, ngani, ngisho i . . .

42 Ngizwe ingxoxo kulokhu ukusa emsakazweni, ngenkathi ngisalungiselela ukuza enkonzweni, kulelitafula lezingxoxo zamaKristu eLouisville. Namabandla asezithathele uhlelo lokufundisa abantwana bawo ukuphuza kwesimodeni.

Nhloboni yesigejane seziphukuphuku esizozikhiqiza na? Kungani na? Ngoba umama wabo nobaba ekhaya abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lingazi ngobusuku baseGibhithe. Zithibe kuyo yonke into. Awudingi ukumoder- . . . uzenze isimodeni. Wenza ukuguliswa wuphuzo uma wenza lokho. "O, Sizomvumela enze *lokhu*, futhi simdedele enze *lokhu*," nokunye kanjalo. Yini ongayilindela na? Ngeke sisahamba esinye isizukulwane. Ngeke sakwenza. Sisesikhathini sokuphela.

43 Ngakho, angifuni ningithathe ngokuthi ngiwuhlobo oluthize lukawaka. Ngingahle ngibe nguye; uma nginguye, nje nginjenge . . . Ngingongazi lutho ngakho.

44 Ngathi kumkami ohlezi lapho. Ngathi, "Meda, ngabe sengiphenduke uhlanya lwenkolo na? Ngabe sengilahlekelwe yingqondo yami na? Noma, ngabe nguMoya kaNkulunkulu ongenakuzimela lezozinto, omemeza kakhulu na? Ngabe kukhona yini into ethize phakathi lapha engenza ngisho ngiphikisane nokucabanga kwami uqobo, intando yami uqobo na?" Ngathi, "Zintathu kuphela izinto okungaba yizo. Kungaba phakathi kokuthi ngilahlekelwe yingqondo yami . . ." Uma nginjalo, angikwazi. Ngingonokuzwela, umuntu ophatheka kabi. Leyo yimvelo yami nje. Isiphiwo sami senza lokho, kodwa, njengomfundisi. Kodwa ngi—ngi . . . "Kuphakathi kokuthi ngilahlekelwe yingqondo yami, noma sengiphenduke

uhlanya, noma nguMoya kaNkulunkulu." Ku—kufanele kube ngokukodwa kwalezozinto.

45 Kodwa, angikwazi ukumela ukubuka izinto, futhi into ethize ngaphakathi nje imemeza kakhulu. Futhi nokho ngiyazi, ngokweBhayibheli, ukuthi kufanele kwenzeke. Pho-ke kusiza ngani ukumemeza kakhulu na? UNkulunkulu uzoma kanjani ekwaHluleleni bese ephosa lesisizukulwane phezulu lapha uma Engenalo iphimbo limemeza kakhulu ngokumelana nakho, ukuletha ukwehlulela na? Yini ezoba ngabaFarisi, ukuba wayengekho uJohane ukuba amemeze kakhulu evela ehlane na? Kuzosiza ngani, uma ngisho, "Abafanele benze *lokhu*, futhi abafanele benze *lokhu*, futhi abafanele benze *lokhu*, futhi anifanele nenze *lokhu*. Futhi nifanele nigcwaliswe ngoMoya na"?

Bahamba bedlule futhi bathi, "Usangene ekhanda! Uyahlanya! Kukhona okwenzeke kuye!"

Awu, kusiza ngani ukukwenza na? Ngoba, uNkulunkulu uzofanele abe nephimbo. Lifanele likusho, noma kanjani, ngakho Angaletha ukwahlulela, athi, "Kwakulapho. Awusuye ongazi ngakho." Kunjalo. Futhi uma ungamemezi, Uzokwenzani na? Kukhona into ememezayo, kuwe. Awukwazi ukuyivimba.

46 Manje, manje siyathola, ke, ukuthi ngenkathi sehlisa indatshana elandelayo esinayo lapha, siyathola, ukuthi—ukuthi, isizathu singesibo abobuhlelo. Futhi sikholwa ukuthi kukhona amaKristu azelwe ngokusha, abantu abangcwelisiwe, kwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, namanye. Sikholwa ukuthi iBandla likaNkulunkulu liyileyoMbewu exutshiwe kusukela phansi ezingeni lalendawo kusukela phansi lapha, futhi kungena ngalokho esikhulume ngakho izolo ebusuku, futhi sizoqhubeka sikuxoxe, ukumiselwa ngaphambili. Hhayi ukuthi uNkulunkulu umisela ngaphambili noma yini ukuba ibe njalo, kodwa, ngokwazi phambili Angamisela ngaphambili, ngokuba Wayazi izinto zonke.

47 Futhi sitholile izolo ebusuku ukuthi akukho-muntu owake wasindiswa, njengakulobubusuku, futhi babanegama labo lilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Igama lakho kuphakathi kokuthi lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba kuqale umhlaba, noma lalingakaze libe lapho noma alisoze labakhona. Sithola ukuthi, ngenkathi uNkulunkulu ehlaba iWundlu ngaphambi kokusekelwa komhlaba, wena wahlatshwa kanye neWundlu lakho. Uyakukholwa lokho na? Thola nje emzuzwini.

48 Asiphenye eZambulweni, ukuqala, iSambulo 17 noma . . . iSambulo 13:8, futhi sithole lapha ukuthi iBhayibheli lithini mayelana—mayelana nokuthi ngabe . . . ngenkathi kuhlatshwa iWundlu. Sibone ukuthi ngabe Lahlatshwa ngo A.D. 33, noma ngo A.D. 33, noma ngabe Lahlatshwa ini . . . ngenkathi Lihlatshwa.

Kulungile. Manje, lena yiUnited States esiprofethweni lapha, kusobala. Manje sifunda lokhu.

> *Bayakhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni* (Ini? Isilo.), *wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.*

49 Lahlatshwa nini iWundlu, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula na? Mhlawumbe iminyaka eyizigidi eziyikhulu eyedlula. Ngaphambi kokuba ukusekelwa komhlaba kuze kubunjwe, uJesu Kristu wafela izono zethu. O, kodwa manje ngigcwala ukholo. Ngaphambi kokuba kubekhona umhlaba, uJesu Kristu wafa ukuba awusindise.

50 "Awu," wena uthi, "pho kungani uNkulunkulu, uNkulunkulu ongenasiphelo, aze avumela isono na?"

Niyazi, kukhona izinxenye ezingehlukaniseki kuNkulunkulu. Futhi ukuba uNkulunkulu wayengazange amvumele uSathane . . . Wayazi, ngenkathi Edala uLusifa, ukuthi wayezoba nguye owonakalisa umhlaba. O, uNkulunkulu wethu akasiyo into ethize encane, efuqelwe ekhoneni, kodwa UnguNkulunkulu ongenasiphelo Ongazange abe nesiqalo noma ongasoze aba nesiphelo. Futhi, kuYe, Usezinxenyeni zaKhe ezingehlukaniseki. UnguMsindisi. Futhi Wayengaze azeke kanjani njengoMsindisi ukuba kwakukade kungekho into ethize esindiswayo na? Besiyoke size sazi kanjani . . .

51 Yini okwaba ngokokuqala na? Njengoba, ngibuza umbuzo. Yini okwaba ngokokuqala, uMsindisi noma isoni na? Awu, uma uMsindisi kwaba nguye kuqala, noMsindisi uphakeme kunesoni, kwenzeka kanjani ukuba isoni size sibekhona na? Ukuba sasikade singekho isoni, sasingeke siMazi njengoMsindisi. Yini enamandla kakhulu kakhulu, umphilisi noma umuntu ogulayo na? Umphilisi uvele athathe ukugula nje futhi akubhubhise. Yini okwaba ngokokuqala, uNkulunkulu noma umdlavuza na? Ngani, kwakukhona uNkulunkulu, kuqala. Wasivumelelani i—isifo pho? Ngoba, uma Engasibhubhisa manje, Wayengeke abangele ukuba sibe khona. Futhi uma Engongenasiphelo, Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Kodwa manje-ke, uma Enga—uma Engakwenzi, uma kungekho sifo, khona-ke Wayengeke aziwe njengoMphilisi. Kodwa ngokuthi UnguMphilisi, kwafanele kubekhona isifo. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Manje, Wayazi izinto zonke.

52 Manje, eSambulweni 13:8, lalelani. "NeWundlu lahlatshwa" (Nini?) "ngaphambi kokusekelwa komhlaba." UNkulunkulu emqondweni waKhe ongenasiphelo, ebuka phansi ngemigobhozo yesikhathi, futhi Wabona ukuthi kwakuzokwenzekani, nokuthi Wayezodingeka adale kanjani futhi ehle qathatha angene kulesisikhathi sesikhathi, ukudonsa akhiphe lokho Ayeyikho ngempela.

53 Kungani nina bancane ninga...nina madoda eninomkenu, fakani owesifazane phansi kwesivivinyo futhi nizobona ukuthi wenziwe ngani. Kunjalo. Faka owesilisa phansi kwesivivinyo, siyongqangqazelisa ibhodlela phansi komlomo wakhe, uma ubengoguliswa wuphuzo. Siyokutshela ukuthi ngabe wasindiswa kulo noma qha. Uma ubeyishinga, owehla enyuka, inja enkulu engcolile ebhidliza amakhaya amanye amadoda; ahhundule owesifazane othize futhi amqale...aqale ngaye, futhi siyosho ukuthi wenziwe ngani. Kunjalo. Impela.

54 UNkulunkulu, ukukhombisa amandla aKhe, ukukhombisa ukuthi Wayeyini, ukuthi WayenguMsindisi, Wavumela isoni ukuba sibe lapha.

55 Njengoba ngishilo, ziyozicula kanjani iziNgelosi izindaba zokuhlengwa, zibe zingazi ngisho nokuthi kusho ukuthini ukuhlengwa na? Kodwa, thina singayicula. Siyazi ukuthi kusho ukuthini ukulahleka nokuthi kusho ukuthini ukutholwa. Awukaze ulahleke, awazi ukuthi kusho ukuthini ukutholwa. Yilabo abalahlekile, owaziyo ukuthi kusho ukuthini. Yilabo abake baba nokugula, owaziyo ukuthi kujatshulelwa kanjani ukuphila okuhle uma kufika. Yilowo muntu omubi owayehamba imigwaqo ngaleya, owayengakaze abe nomngani, futhi engakaze abe namuntu abazomgaxa ngezingalo zabo, futhi engakaze abe namuntu ngisho ukuba bababuke futhi babanake; yilowomuntu owaziyo ukuthi kusho ukuthini ukuthi mngani wangempela, ukugaxwa. Impela, ufanele wazi.

56 Sike sazi kanjani ukuthi sikuthokozela kanjani lokhu ukukhanya kwelanga, ukuba babukade bungekho ubusuku na? Ubuyokwazi kanjani ukuthokozela oluhle, usuku olubalele, ukuba lwalukade lungekho olunamafu na? Ubuyokwazi kanjani ukuthokozela ukukhanya kwelanga okufudumele kwehlobo, ukuba babukade bungekho ubusika na? Umthetho wesizathu esimelayo nesiphikisayo. Sengiyachezuka, ngiya ekushumayeleni. Angiqondile ukwenza lokho. Kulungile.

57 ISambulo 17:8, lapho esi, okomzuzu nje manje, ukukhombisa manje. IWundlu lahlatshwa nini na? "Ngaphambi kokusekelwa komhlaba." Kulungile. ISambulo 17:8.

> *Isilo owasibonayo sasikhona, asisekho; kepha sesizakwenyuka siphuma kwalasha, siyoya ekubhujisweni: nabakhileyo emhlabeni bayakumangala, labo abamagama abo angalotshwanga encwadini yokuphila e—encwadini yokuphila* (nini?) *selokhu kwasekelwa izwe,...*

58 Lafakwa nini igama lakho eNcwadini yokuPhila na? Njengoba ngishilo izolo ebusuku, indoda eyabhala iculo, "Kukhona igama elisha elibhalwe phansi eNkazimulweni, futhi ngelami, ngelami," ngokusho yayiqinisile, kodwa ngokomBhalo

yayinephutha. Igama lakho alilotshwanga ngobusuku oza ngabo kuKristu.

UJesu wathi, "Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi. Futhi akekho ongeza uBaba waMi engamdonsi. Wonke oza kiMi, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela. Akukho namunye wabo olahlekayo. Angilahlekelwa lutho, ngoba akekho ongabahlwitha esandleni sikaBaba waMi, OwaNgipha bona." O, he! Whewu! UJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze aya ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yingakho lelibandla likholelwa ekuphepheni kokubekezela kwabangcwele, hhayi enqubweni yeBaptisti, hhayi enqubweni yePresbyterian, kodwa enqubweni yeBhayibheli.

59 "Awu," wena uthi, "manje, Mfowethu Branham, ngiqagele uma uke waba semseni usemseni njalo." Lokho kuletha inqwaba yehlazo. Kodwa uma owesilisa noma owesifazane esezelwe ngoMoya kaNkulunkulu, okudala kwedlulile, konke sekube kusha, futhi uzaliwe futhi wabusiswa nguNkulunkulu waPhakade. Futhi ngeke besabhubha kunoma uNkulunkulu qobo lwaKhe engabhubha.

60 Uqonde ukungitshela ukuthi uNkulunkulu, uNkulunkulu ongenasiphelo, ubengehla futhi akuphe ukuPhila okuPhakade, azi ukuthi uzolahlekelwa nguwe na? Akusindise lapha, azi ukuthi Uzolahlekelwa nguwe laphaya na? Wakusindiselani na? Ngani, Usebenza ngokuziphikisa Yena uqobo. Uma akusindisa kanye, usindiswe lonke iPhakade. Akukho-mademoni esihogweni abengakuchitha.

61 Manje, uNkulunkulu ongenasiphelo Owayekwazi ukusho ukuphela kusukela ekuqaleni, bese ekusindisa lapha, ngaleliviki, futhi azi ukuthi ngonyaka olandelayo uzohlubuka, futhi alahlekelwe nguwe na? Awu, Uwenzela ini umsebenzi kanjalo na? Lokho bekungaba wubuwula; ngingekwenze lokho. Uma ngikwenze umngani wami namhlanje, ngazi ukuthi ubuzoba yisitha sami kusasa, awu, bengingekwenze. Bengiyovele nje ngikuyeke kanjalo. Niyabo? UNkulunkulu ukwenza inceku yaKhe, namhlanje, ngoba Uyazi, futhi wayazi ngaphambi kokuba uze ufike emhlabeni. Ngenkathi Enza isakha-mzimba ikhalsiyamu eyangena emzimbeni wakho, ngenkathi Edala isakha-mzimba ikhozmikhi wena o. . . ekuwe. Ngenkathi isakha-mzimba ipetroliyamu nakho konke lokho owakhiwe ngakho, ngenkathi uNkulunkulu ekudala emhlabeni, Wayazi yonke imisipha yakho nalokho oyokwenza. Angakwenza kanjani uNkulunkulu ongenasiphelo. . .

62 "Awu, kungcono ngihambe ngokucophelela namhlanje; ngingase ngihlubuke futhi ngilahleke kusasa." Wawungasindiswanga ekuqaleni. Ungahle ukuba usetshenziwe,

phansi kwamadlingozi. Ungahle nje ucabange ukuthi usindisiwe. Ungahle uzwe sengathi usindisiwe. Ungahle ukholwe ukuthi usindisiwe. Ungahle ujoyine ibandla. Ungahle ube yiBaptisti elungileyo, iMethodisti, noma iPentecostal. Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Igama lakho lake la . . . Uma wake wasindiswa, wasindiswa ngaphambi kokuba kuze kuqale umhlaba, ngenkathi uNkulunkulu ethuma uJesu, emqondweni waKhe, ukusindisa lowo Ambona ukuthi wayesindiseka. Manje, Akathandi ukuba kubhubhe namunye. Akathandi, kodwa, uma EnguNkulunkulu, Wayazi ukuthi ubani oyosindiswa nokuthi ngubani ongayikusindiswa. UmBhalo usho njalo. Ngakho nakho lapho okhona.

63 Yingakho sehlukile kwiBaptisti, amaMethodisti, nalabo ababizwa ngabantu abacabanga ubuCalvin. Kodwa, ubuCalvin bulungile.

64 Manje-ke sizowelela ohlangothini luka-Armenia. Batholani na? Imisebenzi. Lokho ngamaqembu obungcwele. Imisebenzi, "Akabusiswe uNkulunkulu, ngizoyekela izinwele zami zikhule," abesifazane. Futhi, "O, akadunyiswe uNkulunkulu, ngeke ngize ngisho ngigqoke iyembe elinemikhono emifishane," owesilisa uyoligqoka, nokunjalo kanjalo. Lokho akuhlangene noMbuso. Qhabo, mnumzane. Ungayeka izinwele zakho zikhule zibe zinde, ungagqoka izingubo zakho noma yikuphi lapho ofuna khona, noma ungenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi ngeke kuhlanganise lutho nhlobo nakho. Awusindiswa ngenxa yezingubo zakho. Uma kunjalo, uNkulunkulu wayezovele nje enze amaphethini okunjalo. UJesu wayengezukudingeka ukuba afe.

Usindiswa ngoba uNkulunkulu wakusindisa, ngomusa, futhi wenza lezizinto ekuthokozeleni nje. Umqondo wokuziphatha kahle uyokutshela lokho. Wenza lezozinto ethukozeleni. Imisebenzi yilokho engikwenzela uNkulunkulu.

65 Uma ngingasayishumayeli neze enye intshumayelo, futhi ngihlale lapha iminyaka eyikhulu namashumi amahlanu, ngisalokhu ngisindisiwe. Impela. Angisindisiwe ngoba ngingumshumayeli. Ngisindisiwe ngoba ngumusa kaNkulunkulu owangisindisayo. Kwakungekho neyodwa into engangingayenza engifanele ukubongwa ngayo.

66 Ngiyamangalelwa emthethweni, khona manje, ngamadola anguhhafu wesigidi. Futhi bathi, "Ngani, wenyukela . . . Lezo yimali oyithathe wayikhipha lapho, ukukhokhela izikweletu zakho. Yayingeyakho ngaphambi kokuba ukhokhe izikweletu zakho. Wayedlulisa ebandleni lakho, kodwa yayingeyakho kuqala."

Ngathi, "Kodwa angikaze ngenze neyodwa into ngakho."

Bathi, "Yebo, wayithatha," bathi, "wabatshela ukuthi uyothatha umnikelo wokothando."

Ngathi, "Ngifuna umuntu angitshele ukuthi kwakunini na?"

"Awu, uzicelela yona ngeposi na."

Ngathi, "Seshani iofisi lami; akukho ngisho upeni."

67 Niyazi, iBhayibheli lathi, "Ningazindli lutho ukuthi niyakuthini, ngokuba niyakuphiwa ngalelohora." Futhi ngangihleli lapho ngakulabobammeli benhlangano yamazwe, futhi ngamunye bengisesha, ngapha nangapha, nami kul'khuni nokwazi oABC bami. Futhi nalawomadoda ahlakaniphile eqeqeshelwe ukukwenza usho izinto ngempela ongaqondile ukukusho, manje-ke ungaziqhathanisa kanjani izihlakaniphi nomuntu onjalo na? Angeze neze aqhathanisa izihlakaniphi neNkosi yami, nokho. LomBhalo wathi, "Ningazindli uma nilethwa phambi kwamakhosi nababusi."

Ngiyayazi imali engiyithathe lapho, ngangiyisebenzisele . . . Futhi babengaphikisani nalokho. Yayikade isetshenziswe nje ngakho konke nje okuvunyelwe emthethweni. Kodwa bathi, "Yayingeyakho, kuqala, wase-ke uyiguqulela kwiBranham Tabernakele."

Ngathi, "Kodwa ngingumphathi-sikhwama weBranham Tabernakele." Nale . . .

Awu, wathi, "Angazi ngalokho. Pho kungani abaphatheli bengakwenzanga *lokhu, lokho*, *nokunye* na?" Okukodwa . . .

Ngathi, "Manje-ke ningibiza ngokuthi angethembekile na?"

68 Bathi, "Sicabanga ukuthi wethembeke impela." Wathi, "Kukhona into engifuna ukukukhombisa yona, Mnu. Branham," lowommeli.

Ngikusho lokhu nje ngenkazimulo kaNkulunkulu manje, kuphela, futhi ikakhulukazi kwabancane. Wathi, "Kukhona into engifuna ukukukhombisa yona, ukukukhombisa ukuthi kanjani . . . " Uma uphila ngeBhayibheli, uNkulunkulu uyophila ngawe. Futhi uma umoya wakho ungavumelani nalokho uNkulunkulu akushoyo, khona-ke awuphili ngeBhayibheli.

69 Niyakhumbula izolo ebusuku ngenkathi sikhuluma ngabashumayeli besifazane, uma bethi, "O, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungibizele ukuba ngishumayele," nokunye kanjalo na? IBhayibheli lathi, "Uma noma yimuphi umuntu ethi ungumprofethi, noma ngisho engokamoya, makazi ukuthi Lona yimiyalo yeNkosi; kodwa uma engazi, makahlale engazi nje." Ngakho uma uzwa abantu bethi bayakholelwa kubashumayeli besifazane, kukhombisa ukuthi abalungisene noNkulunkulu, noma abalazi iQiniso. YiQiniso lelo. UmBhalo usho njalo. Sikuthola Lapho, futhi kuhambisana nemiBhalo. Manje, akunandaba ukuthi kubukeka kungokwangempela kangakanani, kuphambene. Akulungile.

70 Manje, sizothola into ethize lapha manje. Qaphelani. UNkulunkulu, uNkulunkulu ongenasiphelo, Owenza umhlaba,

namazulu, futhi wayazi izinto zonke, futhi wakwazi ngaphambi kokuba kuze kubunjwe umhlaba, lonke izeze, yonke impukane, imbuzane, yonke into eyayiyoze ibekhona. Futhi niphila ngeZwi laKhe.

71 Manje-ke, ngimi lapho ngakulabobammeli. Lommeli wahamba waya lapho wayesethi, "Asi, nhlobo, zami khona ukuthi awethembikile." Wathi, "Ubungalazi iqiniso lokuthi uma noma ubani ekunika imali kwakungeyakho kuqala." Wathi, "Wasayina isheke elivela kuMnu. Miner Arganbright, e—eCalifornia, weChristian Business Men's Full Gospel Fellowship, lezinkulungwane *ezingaka* zamadola. Futhi ngosuku olufanayo wayikhipha ebhange lakho wase uthenga amathikithi amane noma amahlanu ohambo oluya phesheya, cishe amadola ayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nane."

Wathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Ukweleta intela emalini engenayo kuleyo."

Ngani, ngathi, "Sama eduze kwalo lelobhange, wayesenginika isheke, ngase ngiledlulisela ebhange ngase ngibhala amathikithi ngibuyisela emuva ngqo."

Wathi, "Ukuba wawunesheke umzuzu owodwa," wathi, "uhhafu walokho, wawungowakho. Wawunalo, uhhafu womzuzu. Lalingelakho, uhhafu womzuzu, ngaphambi kokuba libe yimpahla yebandla." Wathi, "Ukwelete intela emalini engenayo kuyo."

Wathi, "Walinika ibandla. Wakhokha intela kuyo, wayeseyinika ibandla. Wayinika wena."

Ngase ngithi, "Ukhokha intela emalini engenayo kuyo, iya ebandleni, khona-ke ayibanjelwa-ntela."

Wathi, "Asithelisi lona ibandla lakho. Sithelisa wena."

Ngathi, manje-ke, "Ngani," ngathi, "yona leyondoda eyasayina igama layo, intela yemali engenayo yenhlangano yamazwe, yangitshela ukuba ngikwenze ngalendlela."

Wathi, "Ayisekho kwahulumeni."

Ngathi, "Labo ababhala uMthetho-sisekelo akasenaye uhulumeni, ngabe usamile na?" Ngathi, "Ngolunye usuku ungeke usaba kuhulumeni, futhi manje uthini-ke na?" Ngathi, "Hlobo luni lukahulumeni esimsebenzelayo na?" Impela.

Kodwa, manje-ke, nenye indoda yathi, "Mnu. Branham," yathi, "sithola lapha, ake ngikukhombise ukuthi siyazi ukuthi ukuphi wonke upeni owawusebenzisa."

Ngathi, "Kulungile."

Yathi, "Nansi indawo owawunomhlangano kuyo eCanada, eAlberta, futhi phakathi lapho wanikwa umnikelo wokothando wamadola ayizinkulungwane ezintathu."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Yase ithi, "Elilandelayo . . . ngeSonto elingaphambili, njalo, kulelo, waphuma futhi wathola lapho okwakukhona khona isonto elidala, futhi babekhonzela kulelisonto, futhi lalingenampahla kulo. Futhi wapha lawomadola ayizinkulungwane ezintathu labobantu, ukuba bakhe isonto."

Ngathi, "Kunjalo."

Yathi, "Kodwa ukweleta intela yemali engenayo kuyo." Yathi, "Wayinika ibandla." Yathi, "Uyabo, yayingeyakho ngaphambi kokuba ibe ngeyebandla."

Yathi, "Akusilo yini iqiniso, ukuthi indoda *ethize* . . ." Futhi ngeke ngilibize igama layo, ngoba abaningi benu bayayazi. "Indlu yayo yasha, lapha ezweni, futhi wangena, uphuma emhlanganweni wakho, futhi wawunamadola angamakhulu ayishumi nanhlanu." Manje, leyo kungezwakala kuyinqwaba yemali, komunye wenu nonke. Kodwa nje lokho yizinsuku eziyishumi nanhlanu kimi ukuba ngilove, noma ngiphumule. Kungibiza ngaphezu kwamadola ayikhulu ngosuku, noma ngabe ngiyashumayela noma angishumayeli, ukunakekela iofisi nezinto. Yayisithi, "Wawunamadola angamakhulu ayishumi nanhlanu. Naleyondoda yayi . . . indlu yasha. Yayinabantwana cishe abayisithupha, futhi wayipha lawomadola angamakhulu ayishumi nanhlanu." Impela, babenesheke lami libekwe lapha.

Ngathi, "Kunjalo." Ngathi, "Wawungenzani, indoda inabantwana abahlanu behlala ethendeni; futhi isimo sezulu sikwizinga-qhwa neqhwa emhlabathini na? Ucabanga ukuthi ngangingahlala endlini enhle futhi ngazi ukuthi leyondoda nalabobantwana abancane bephandle lapho, beqhuqha amakhaza, nezinto ezingamajazi besongwe ngazo, futhi nginemali engayisiza na?"

Yathi, "Akusilo yini iqiniso ukuthi indoda yafa emgwaqaneni enhla lapha na? Futhi ivela eKentucky. Yayingenayo ngisho imali yenkonzo yomngcwabo wayo, futhi wayingcwaba indoda. Futhi wena nomkakho nathatha imali futhi nehlela eJ.C. Penney's." Iqaqa amasheke. Yathi, "Nasebenzisa amadola angamakhulu amabili ngezingubo nje zalabobantwana."

Ngathi "kunjalo."

Yathi, "Akusilo yini iqiniso ukuthi owesifazane osemdala khona lapha kulelidolobha *elithize* . . ." Ahlala kulo, ngaleyonkathi, iNew Albany. Yayisithi, "Wamupha amadola angamakhulu amathathu nento, ukuba akhokhele isikweletu esisilele segrosa, ukuthi, base bemyekisile, kuso. Futhi wakhokha cishe amadola angamakhulu amahlanu erente yakhe, ababezombeka phandle ebusika. Futhi wamkhokhela irente yakhe—yakhe kwaze kwaba nguJuni olandelayo, kanti futhi wasimela kahle isikweletu segrosa yakhe okwaze kwafika

emadoleni angamakhulu ayishumi nane noma ayishumi nanhlanu futhi."

Ngathi, "Ngiyalukhumbula udaba kahle. Umama omdala, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, enendodakazi ehluphekile, nomfana ongumshumayeli eGeorgia, ihlushwe wufehlane, futhi ilele embhedeni, futhi lungekho olunye uxhaso. Wawuyokwenzenjani ngakho na?" Ngathi, "Yebo, ngakwenza."

Yathi, "Ngabe isigungu sakho sabaphatheli sasikwazi lokhu na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane, babengakwazi."

"Ngabe umkakho wayekwazi lokhu na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane, wayengakwazi."

Yathi, "Pho wakwenzelani na?"

72 Ngathi, "Ngoba iNkosi yami yathi, 'Isandla sakho sokunxele masingakwazi okwenziwa yisandla sakho sokunene.'" Ngathi, "Ngabe unawo noma yimuphi umthetho ophakeme ukwedlula imithetho kaNkulunkulu na?"

Futhi khona manjalo uMoya oNgcwele wafika uzolamulela, kahle kakhulu ngendlela Owenza ngayo. Usho izinto, ngokuzwa kancane, ungazi ukuthi uyakusho, uma nje ukudedela uMoya oNgcwele kube yiwo okhulumayo.

Ngathi, "Awu, awu, uma usho ukuthi ngiyayikweleta leyo," ngathi, "Ngizokwenza konke okusemandleni engingakwenza." Ngathi, "Angisenguye umfana, kodwa ngizokwenza konke okusemandleni ukuba ngiyikhokhe." Ngathi, "Ungakweleti-muntu noma yini, njengoba ngazi ngakho." Ngizame ukwethembeka. Ngihambe izinkulungwane zamadola ngingena ezikweletini, futhi ngibuye ngisikhokha ngedola ngeviki. Kodwa, ngomusa kaNkulunkulu, sengiyikhokhile. Ngathi, "Uma usho futhi ufakazisa kimi ukuthi ngiyayikweleta leyomali engiyipha labobantu . . . " Futhi baqhubeka ukuba bangikhombise ukuthi isisondele emadoleni ayizinkulungwane ezingamashumi amabili, eminyakeni eyishumi edlule, ngiyikhipha kanjalo.

Yayisithi, "Abaphatheli babengazi lutho ngalokhu."

Ngathi, "Kwakungadingekile ukuba bakwazi." Futhi ngakho yathi . . . Awu, yayisithi-ke . . .

73 Ngathi, "Okungilimazayo, ngukwazi ukuthi labobafelokazi abadala abampofu nezintandane, bazodingeka bakhokhe intela yemali engenayo kuyo, nabo, noma bafe, bekweleta uhulumeni." Ngangingazi ukuthi ngangithini. Lowo kwakunguBaba ekhuluma, futhi ngangingakwazi.

"O," yathi, "qhabo, abazukudingeka ukuba bakhokhe intela yemali engenayo kuyo."

Ngathi, "Kungani bengezukudingeka bayikhokhe na?"

Yathi, "Uyabo, leso kwakuyisipho esingacelwanga."

UMoya oNgcwele wase ungivusa. "O," ngathi, "ngakho-ke isipho esingacelwanga asitheliswa na?"

Yathi, "Kunjalo."

Ngathi, "Kusho ukuthi-ke angimkweleti lutho uhulumeni, ngokuba angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami."

Wayesesukuma-ke ummeli wami, wayesethi, "Mnu. Branham unga . . . "

Ngathi, "Ngingakunika izincwadi eziyizigidi ezimbili eWashington, ukufakazisa lokho." Ngathi, "Angikaze ngithathe mnikelo."

Wathi, "Kodwa uma uphumela kulemihlangano, nalemali eqoqwa yilababefundisi bese ikhokhela lokhu," wathi, "unohlobo oluthile lokuqonda ukuthi kukhona ozokuthola."

Ngathi, "Lutho."

Wathi, "Manje-ke, awu, awuceli yini ngeposi na?"

Ngathi, "Lutho."

Wathi, "Uyithola kanjani imali yakho na?"

74 Ngathi, "Lokho abantu abangithumelela." Ngibuka ubuso babantu khona manje ongithumelela izishumi njalo njalo. Angikaze ngibacele. Bayakwenza nje. Lowo nguMoya oNgcwele. Uyakwazi ukunakekela aBakhe uqobo.

Wayesethi, "Awu, manje-ke, Mnu. Branham," wathi, "ungakufakazisa lokho na? Ungangitholela izincwadi okungenani iminyaka eyisishiyagalombili noma eyishumi ukusukela emuva owemukela iminikelo ngaphandle kokuyicela na?"

Ngathi, "Eziningi ngangalezo ozifunayo."

Wathi, "Ngifuna ezintathu onyakeni ngamunye."

Ngathi, "Kulungile, uzozithola."

Wathi, "Manje-ke unganginika ukhiye wakho webhokisi leposi, futhi ngi . . . Uyeke iposi lakho linqwabelane izinsuku ezimbili noma ezintathu, bese-ke ngehla futhi ngilivule, mina uqobo na?"

Ngathi, "Ungenza noma yini oyifunayo. Ungeza e-ofisi lami futhi."

Wathi, "Hloboluni lokucela olwenzayo na?"

Ngathi, "Lutho."

"Yini oyithumela eposini na?"

"Izindwangu zomkhuleko."

"Uyakhokhisa ngayo na?"

75 Ngathi, "Woza, ufunde izincwadi engizithumela nazo." Kwakuyilokho-ke. Manje uhulumeni ungikweleta konke engikukhokhile, intela yemali engenayo, eminyakeni engamashumi amabili edlule.

"Ungazindli ukuthi uyakuthini, ngokuba akusuwe okhulumayo, nguBaba ohlala kuwe, okhulumayo." Niyabo? Yingakho sikholelwa ekuhlaleni neZwi. Kungahle kube isikhathi eside, kodwa kuyosebenza kahle nje, ngokweZwi.

76 Manje, yingakho sikholwa ukuthi iBhayibheli lisitshela ukuthi ngaphambi kokuba umhlaba uze ubunjwe, futhi ngaphambi kokuba ube khona, ukuthi uBaba wahlaba iWundlu. Kwase kuthi-ke ngenkathi Ehlaba iWundlu, Wafaka lonke igama labantwana baKhe abezayo eNcwadini yokuPhila, futhi nje siphila phezulu kulowonyaka usuze waphela wonke. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? UNkulunkulu ongenasiphelo wayekwazi lokho, ukuthi ngaphambi kokuba kuqale izwe Ulubonile uhlelo ukuthi kwakuzokwenziwani, futhi Wavele wakwenza nje.

77 Manje khumbulani, njengeNyanga enkulu yoKwakha, uBaba, ngenkathi Enza lomhlaba, wayesefaka izakha-mzimba ikhalsiyamu, ipotashi, namapetroliyamu, nayo yonke lemisuka yezinto ehlukene okungenayo ukwenza imizimba yethu, Wayekwazi nokuncu kwakho futhi azi ukuthi hlobo luni lokubumbeka nomzimba oyoba yilo ngaphambi kokuba uze udalwe. Impela. Wayazi isiphetho saPhakade sawo. Futhi Uyazi ukuthi hlobo luni lwemimoya eyohlala kulena.

78 Futhi manje, ngaphambi kokuba siqede leyondaba, sizofanele siyicoshe kulobubusuku, e "nzalweni yenyoka" nase "nzalweni yowesifazane," futhi ngikuhlaziye futhi nginikhombise ukuthi kungani. Sibone ukuthi leyonzalo yenyoka yehla kanjani, ukuthi leyonzalo yowesifazane yehla kanjani; ukuthi leyonzalo yenyoka iqala kanjani ukwedlula ngobuningi, ukwedlula ngobuningi, iya ngokuba nkulu, ibe nkulu, ibe nkulu, ibe nkulu, ibe nkulu, sekuze kwathi manje akusekho lutho olusele kodwa nje insali encane yamagama isasele, elotshwe kusukela ekusekelweni komhlaba.

79 Kodwa uma uMzimba usubunjiwe, nalelogama lokugcina eliseNcwadini liyoqondwa lapha emhlabeni, iziNcwadi ziyavalwa, ngoba isiphelelisiwe, indaba yokuhlengwa isifundwe yapheleliswa. Khona-ke siyahamba ukuyoMbona nokuMhlangabeza ekuvukeni. "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade futhi akasayikuya neze ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

"Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi." "Futhi akuyi ngothandayo noma ogijimayo; nguNkulunkulu ohawukelayo," kwasho umBhalo.

Akuyi ngothandayo. Inqwaba yabantu ithi, "Ngizojoyina ibandla. Ngizoba ngumfo olungileyo. Ngizokwenza *lokhu*." Lokho akuhlangene nalutho nakho. NguNkulunkulu ohawukelayo.

80 Manje, niyabo, ngenkathi uNkulunkulu eqala, e. . . Kukhona imiMoya eyisikhombisa kaNkulunkulu, njengemibala eyisikhombisa nje othingweni lwenkosikazi. Futhi senake naqaphela na? Ucezu lwengilazi emakhona-mathathu lubonisa imibala eyisikhombisa ephelele. Senake nakuzama lokho na? Beka ucezu lwengilazi emakhona-mathathu; nokho wucezu olulodwa lwengilazi, kodwa, emakhoneni amathathu, luyobonisa imibala eyisikhombisa. Ukanjalo-ke uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, eMunye, nokho ubonisa izinxenye eziyisikhombisa zikaNkulunkulu ezingahlukaniseki zokomoya.

81 Futhi, manje-ke, uMoya kaNkulunkulu omkhulu wokuqala, owuthando. UNkulunkulu, njengothingo lwenkosikazi olukhulu. Besingeke sahlawumpisela ukuthi Ubukeka kanjani. Kodwa nje sithi Ubukeka efana nothingo lwenkosikazi, leyoMimoya. UMoya ophelele wothando, *obomvu*. *Ol'hlaza* s'bhakabhaka, ophelele uMoya wenhlanganyelo. Nje yonke leyomiMoya ephelele! Bese-ke iqala ukuzehlisela phansi, yehla. Futhi isuka le ezansi isuka o—othandweni *iphilio* lokuthandana kwabantu noma . . . Uthando i*agapao* lothando lukaNkulunkulu, kuya othandweni *iphilio* lokuthandana kwabantu, futhi kwehle njalo kuya enkanukweni, futhi kwehle njalo kuya koluphansi kunalo lonke.

Bese kuthi-ke uNkulunkulu uqobo lwaKhe abe nguMuntu, uJesu, wayesehla ngaleyondlela efanayo, waze wayofika kwephansi kunayo yonke imigodi yasesihogweni, wayesecosha labo Ayebazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, abamagama abo ayelotshiwe eNcwadini, wayesebahlenga bebuyela kuYe uqobo. Nakho lapho okhona. Indaba yokuhlengwa ingeke yaziwa ngokugcwele size siMbone futhi sime sifana naYe.

82 Manje, yingakho singesilo ihlelo. Yingakho singa cooper- . . . Sibambisana nazo zonke izinhlangano esingababambisana nazo, ngoNkulunkulu. Kodwa yingakho singesilo ihlelo. Manje, ehlelweni kuvela lezozinto zamanga.

83 Manje, njengoba ngishilo, ngishaya kanzima, ngoba ngifuna kuhlabe. Manje, ngaphandle ngaleya, ebandleni lumuny'umuntu, bengingeke ngacabanga ngalezizinto. Bengiyoba ngumKristu nomzalwane ngokwenele ukuhlala nje emigomeni emikhulu sonke esivumelanayo ngayo. Niyabo? Kodwa, nje ku—nje kufana, asifuni ukukhohlisa.

84 Bengikhuluma nomfana omncane izolo, lapho ebengizingela khona izingwejeje, izolo ekuseni, ezansi le ezintabeni zaseKentucky. Futhi angiyiqaphelanga isayini esesigxotshaneni emahlathini, futhi bengihlezi ngakwelinye icala. Futhi

ngicabange ukuthi bekunguMfowethu Banks lapha, enyuka edabula emahlathini. Ubezingela izigwejeje, naye, emhlabeni ofanayo. Futhi ngambona eza, ngase ngiyishayela ikhwelo insizwa. Ngicabange ukuthi bekunguMfowethu Woods, egqoke njengaye nje. Waphenduka, ngase ngibona ukuthi bekungesuye.

NoMfowethu Woods wayengitshele ukuthi kwakukhona indawo phezulu lapho eyayifake isigxobo. Futhi bengingakwazi. Akukho zintango ezingulayini; amahlathi nje. Futhi ngizokwazi kanjani ukuthi yisona siphi isihlahla ihikhori esingesangaphi na? Ngakho bengihlezi lapho ngilalele ukukhonkotha kwezingwejeje. Futhi bengicabanga ngokuthi, "Awu, manje, kulobubusuku ngiya ekhaya futhi ngiqale umhlangano. Ngibuyela emahhanisini futhi." Lase liqala ukuna, neziphepho zivunguza.

85 Ngase ngimbona lomfo, ngase ngikhuluma naye. Ngenyukela lapho ngathola ukuthi bengisemhlabeni wakhe. Niyabo? Ngase ngixoxa naye. Wathi, "O, kulungile lokho." Wathi, "He, zingela nje noma yikuphi lapho ofuna khona." Ngase ngithi, awu . . . Wathi, "Ubungekho emhlabeni wami. Ubuhlezi ngaleya kwalesosihlahla sehikhori." Wathi, "Ngapha kwesihlahla sehikhori ngumhlaba wami. Kodwa," uthi, "akunandaba, Mfowethu Branham. Zingela noma yikuphi lapho ofuna khona. Yenyukela endlini. Ubaba uzothanda ukukubona." Niyabo? Ngase ngithi, "Awu . . . "

Besixoxa ngeBhayibheli. Futhi ngenkathi sisodabeni lokuzingela, usho lokhu, wathi, "Mfowethu Branham, akukho-muntu ezansi lapha onendaba kanoma ubani ozingelayo. Kodwa," wathi, "ubaba wami wayengaphandle lapha ngoluny'usuku nomunye umzingeli wasedolobheni uyaphuma wase ebulala enye yezimvu zakhe eyayisinda cishe amaphawondi angamashumi ayisithupha noma amashumi ayisikhombisa, futhi wampompoloza kumfo, nomfo wamdubula, ngesibhamu." Wathi, "Yilokho okwenza kube kubi." Wathi, "Asinandaba nokuzingela."

86 Awu, leyo yinto efanayo engikhuluma ngayo. Anginandaba ukuthi usonta kuliphi ihlelo, kodwa hlala neBhayibheli nanoMoya oNgcwele. Akusilo ihlelo lakho esikhathazeke ngalo; masinya nje usonta kwelinye njengomunye. Kodwa, ngukuhlala neBhayibheli noma ukuvuma imibhedesho eyenziwe ngabantu. Hlala neBhayibheli.

87 Manje, baveza ihlelo, okwaba yiphutha. Manje, into elandelayo ababeyivezile, okwakungukweduka, kwakungumbhaphathizo wamanzi. Umbhaphathizo wamanzi, njengoba ufundiswa eBhayibhelini, ungokucwiliswa. Kodwa ibandla eliKatolika laveza ukufafaza noma ukuthela. Futhi akukho-mBhalo eBhayibhelini ukwesekela ukufafaza

noma ukuthela; ayikho indawo enjalo eBhayibhelini. Kungokucwiliswa.

88 Awu, manje-ke, kodwa nakho kufika, emva kwebandla eliKatolia, nebandla lamaLuthela, nokuthela kwabo. Futhi kwase kufika ibandla laseSheshi, kanjalonjalo, lapho kwehla.

Kwase kuthi, emva kwesikhashana, kungena amaBaptisti nabakaCampbell, ukuba kubuyelwe ekucwiliseni futhi. Awu, uSathane wakubona lokho, ngakho uvele nje ubanika igama lamanga ukuba bacwiliswe kulo. Base beqala ukusebenzisa iGama likaYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Akukho nelilodwa ichashaza lomBhalo eBhayibhelini lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona egameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Futhi noma ngubani okufundisayo ungumfundisi wamanga. Futhi nginitshelile ngizokwenza kuhlabe.

89 Manje, uma ningacabangi ukuthi lokho kuqinisile, ngifuna umbuzo wenu kulomsamo, ningikhombisa. Uma ningangikhombisa indawo eyodwa lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona, eBhayibhelini, egameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," ngizobeka isayini emhlane wami, njengo "mshumayeli wamanga," futhi ngehle ngenyuka nemigwaqo, ngimemeza ngalo lonke iphimbo lami, nezandla zami ziphakeme, "Umfundisi wamanga!"

Ayikho into enjalo. Kwavelaphi na? Manje buyela emuva. Lolu wuhlangothi lweBhayibheli. Ufanele uthole umlando. AmaKatolika akholelwa konkulunkulu abaningi, futhi babhidliza uNkulunkulu oyedwa weqiniso waba ngonkulunkulu abathathu abehlukene.

90 Futhi ngizweni. Kwakuyinto embi kanjani eyayisephepheni ngoluny'usuku, mayelana nendoda edumileyo sonke esiyazi ukuthi iyinceku kaNkulunkulu; uBilly Graham. Sinesitatimende. UMfowethu Beeler, lapho, unaso. Ngenkathi kubuzwa, uBilly Graham, ngoku *thize*, "Ubani, kwakuyini lokhu ukuphambana okukhulu mayelana nomthathu emunye na? Ngabe babekhona yini oNkulunkulu abathathu, onkulunkulu abathathu bangempela na? Noma, kwakunjani na? Indawo eyodwa, kwakubukeka njengonkulunkulu abathathu. Nomunye wayebukeka sengathi kwakukhona on-. . ." UBilly Graham wathi, "Akukembulwa. Akekho owaziyo." He!

91 Uma kukhona onkulunkulu abathathu, singabahedeni. NjengeJuda lathi, "Nguyena muphi wabo ongunkulunkulu wenu na? UYise na? Ngabe iNdodana nguNkulunkulu wenu na? Noma, ngabe uMoya oNgcwele nguNkulunkulu wenu na?" Munye kuphela uNkulunkulu.

Nalabo abasibo abangubuntu obuthathu, ngokuba ubuntu bufanele bube ngumuntu. Ngeke kwaba ngubuntu ngaphandle kokuba ngumuntu. Niyakwazi lokho. Kungenzeka kanjani

ukuba noma yini ibe ngubuntu ngaphandle kokuba kube ngumuntu na?

92 "O," lathi, "asikholelwa konkulunkulu abathathu abanobuntu. Sikholelwa ebuntwini obuthathu bukaNkulunkulu ofanayo." Awu, ngaphambi kokuba kube ngubuntu, kufanele kube ngumuntu.

93 "Kuyini, pho?" ubuzosho njalo. Akusibo onkulunkulu abathathu. Yizikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo.

WayenguYise, ekuqaleni, owayelenga phezu kwe—kwehlane e—elangabini loMlilo, isihlahla esivuthayo. UbuBaba, uNkulunkulu, njengoba nje ngisanda kuqeda ngisho, ukuzehlisela phansi, ehla. Lolo kwakuwuhlelo oluphakeme kunalo lonke. UMoya, u—u—u *agapao*, u*Zoe*, uku—ukuPhila kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe kwenziwe ngesimo sensika yoMlilo. NaLowo ofanayo, emva kokuba kubuBaba, waba yiNdodana, noMoya ka . . . wawusesihlahleni esivuthayo, wawukuMuntu, uKristu; futhi Waveza ubufakazi obubonakalayo uMlilo owabenzayo. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa." Wonke umuthi uyofakaza ngesithelo sawo uqobo.

94 Kwase kuthi-ke emva kokuba Usuphenduka uba nguMuntu, niyabo, Waqathaka usuka kokuPhezu kwemvelo, wangena entweni ebambekayo engathintwa, umzimba. Nangokufa komhlatshelo nomhlatshelo odlula konke kwaloNkulunkulu oyedwa, uJesu, Wathi, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi." Unga . . . Akekho ongafunda lokho kucace ngokwedlulele.

Bathi, "AWusikhombisi ngani uBaba, futhi kuzo—kuzosenelisa." UJohane 14:8.

95 Wathi, "Isikhathi esingaka Nginani, futhi kawuNgazi na?" Wathi, "Uma ubona uFa- . . . Uma ubona Mina, uBona uBaba waMi."

Njengenenekazi lake lagxuma laya phezulu; lathi, "Ngani, Mfowethu Branham," lathi, "ya, uYise neNdodana bamunye, njengawe nje nomkakho nimunye."

Ngathi, "O, qhabo, abanjalo." Ngathi, "Uyangibona mina na?"

Lathi, "Yebo."

Ngathi, "Uyambona umkami na?"

Lathi, "Qhabo."

96 Ngathi, "Ngakho-ke abasilo uhlobo olufanayo lobunye. UJesu wathi, 'Uma ubona Mina, ubone uBaba. UBaba uhlala kiMi.' Umkami akahlali kimi." Niyabo?

BaMunye. Ngandlela zonke, baMunye. Futhi simunye ngokuvumelana, unkosikazi nami. Simunye enhlanganyelweni,

kodwa singubuntu obubili. Umkami angenza uhlobo olulodwa lokucabanga, nami olunye. Futhi singabantu ababili. Kodwa akunjalo ngoNkulunkulu. Bona, uNkulunkulu noKristu, nguMuntu uqobo lwakhe.

97 Manje-ke uyini uMoya oNgcwele na? UMoya oNgcwele uyilowoMoya kaNkulunkulu ofanayo uhlala kubantu Abafeleyo, wayesefaka igama labo eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Okungukuthi, babemunye naYe, ekuqaleni. UmBhalo usho njalo. Akabatshelanga yini uJesu ukuthi babenaYe ngaphambi kokusekelwa komhlaba na? Imiqondo yenu yenziwe-mnyama futhi ilufifi, futhi sonke sinjalo, kulezozinto. Kodwa nje asisikho okuthize okuncane okuthuke kuvela kwenzeka lapha. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ekuqaleni kokudaliweyo kukaNkulunkulu, futhi sehliswe sathi qathatha lapha sibe ngufakazi, ukufakaza ngomusa kaNkulunkulu ochithelwe wasabalala ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele. SinoMoya waPhakade. Akukho noyedwa, noyedwa, futhi akukho-ndlela, yokukumisa. IBandla likaNkulunkulu liyobakhona ngokuqinisileyo nje impela njengoba lingaqiniseka.

98 Njengoba besikhuluma, ukucosha indaba encane futhi, oko—komzuzu nje, ukuthi ivezandlebe lalingenakungena kanjani embusweni izizukulwane eziyishumi nane, iminyaka engamakhulu amane, nokuthi ububi babazali babuhambela kanjani kubantwana, esizukulwaneni sesithathu nesesine.

99 Futhi, ukulunga kwabazali kwakuhanjelwa. Okwenzayo, uma likhona ikusasa elizayo futhi unendodana engumzukulu, ukwenza kwakho namhlanje kuyonquma ukuthi iyoba yini ngaleyonkathi.

Ngokuba siyafunda eBhayibhelini lapho lowoMelkisedeki, ngenkathi Ehlangabezana noAbrahama ebuya ekubulaleni amakhosi, futhi uAbrahama ukhokho uMnika okweshumi, izishumi zakho konke ayenakho. Wayesethi-ke ngalokho kwezishumi, ukuthi, "NguLevi kuphela nje owayevuma okweshumi. Kodwa," wathi, "ULevi, owemukela okweshumi, wathela okweshumi esesokhalweni luka-Abrahama."

100 O, ningakubamba lokho na? [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kahlanu—Umhl.] UAbrahama wayengokaLevi . . . indodana angukhokho kuyo. Futhi lapha, uLevi, okungenani eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili noma ayishumi kamuva, mhlawumbe amakhulu amaningana. Ngingeke ngazi nje ukuthi ini, eminingi. Bengingafanele ngikucabangele, ngesizukulwane. Kodwa, uAbrahama wazala uIsaka; uIsaka wazala uJakobe; uJakobe wazala uLevi. Futhi lapha, uLevi, uJakobe ezoba ngubaba wakhe; uIsaka umkhulu wakhe; noAbrahama ukhokho

wakhe. Futhi ngenkathi uJakobe esokhalweni luka-Abrahama, iBhayibheli lathi, "Wathela okweshumi kuMelkisedeki."

101 Bese kuthi-ke lesisizukulwane esincane, sehla senyuka, sibhema, siphuza, nakho konke, nisilindele kanjani esinye isizukulwane ukuba sibekhona na? Isizathu sokuba sibe nesono, ubuhlongandlebe bentsha manje, isizathu sinamantombazane amancane emgwaqeni, nabafana abancane, yingoba omama babo nobaba benza lokho abakwenzayo eminyakeni eseyadlula.

Futhi isizathu sokuba siselokhu sinabashumayeli abazomela iQiniso, isizathu sokuba siselokhu sinamantombazane ayifeshini endala, yingoba ayesenabazali abayifeshini endala emuva emva kwawo. Kunjalo impela. Sisenabo abashumayeli omi engaxegisi nanoma yiliphi ihlelo, noma iZwi, yingenxa yokuthi sasinabashumayeli abayifeshini endala emuva, abama impela emihlabathini efanayo. Yebo.

102 Manje sikulolusuku. Futhi manje sifuna ukusho, ukuthi, phakathi lapha, kubuyele e...amanye amahlelo, isizathu singesilo ihlelo. Futhi, ngoba, ukuba besiyihlelo, besiyokhothama phansi kulokho.

103 Futhi khumbulani, hlolani imiBhalo noma yikuphi lapho enithanda khona, futhi anizukuthola neyodwa indawo eBhayibhelini lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona ngokucwiliswa, ngokuthela, noma egameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Ngakho, uma kungekho emBhalweni, kufanele ukuthi kwaqala ndawondawo.

104 Njengoba ngisho, ngihlezi phansi kwesihlahla esikhulu, ngisibuka. Sona, o, singahle sifane ne-nendoda, si—singahle sibe sikhulu kakhulu, singahle sibe namandla, kodwa sasinesiqalo. Sadingeka siqale. Futhi yonke into...Lenkolo yakudala esiyimele ngesibindi kangaka, yadingeka iqale ndawondawo. Yadingeka ibe nesiqalo. Nezimfundiso ezigqamileyo esinazo, yadingeka ibe nesiqalo. NemiBhalo yamanga esiyisebenzisayo emahlelweni ethu, yadingeka ibe nesiqalo. Futhi uma sithi, "NgiyiMethodisti," wadingeka ube nesiqalo. Uma uthi, "NgiyiBaptisti," wadingeka ube nesiqalo. Wena uthi, "NgiyiKatolika," wadingeka ube nesiqalo. Wena uthi, "NgingumKristu ozelwe ngokusha," wadingeka ube nesiqalo. Wadingeka ube naso.

105 Buyela emuva, uthole ukuthi kuqala kuphi. Asibuyele ekuqaleni kwesithombe. Manje-ke uma kungekho-hlelo eBhayibhelini, khona-ke ihlelo ladingeka libe nesiqalo. Laqala ngebandla eliKatolika. AmaProtestane nje azaleka kulo.

106 Manje-ke uma iBhayibheli lathi lalingowesifazane onegama elibi, ngoba, imfundiso yalo, laphinga ngokomoya. Yini ukuphinga na? Khumbulani, sedlule kukho manje. Owesifazane ohlala nomyeni wakhe, uyafana njengentombi. Akakaze oniwe, inqobo nje uma ehlala naleyondoda eyodwa. Kodwa kuyini

ukungalungi na? Ukulunga, kuphendukezelwe. Ake ahlale nenye indoda, futhi ulahliwe. Niyabo? Ukulunga, kuphendukezelwe.

107 Manje, uma ihlelo lalingalungile . . . Ukuba lalikade lilungile, uNkulunkulu wayezothi, "Manje sizoba namahlelo." Futhi uma . . . Ibandla eliKatolika lamenyezelwa, eBhayibhelini, ngokuthi "isifebe," ukungalungi, ngoba lalinikeza, inhlangano yalo isayense yalo uqobo yezenkolo, futhi hhayi iBhayibheli. Mfowethu, dadewethu. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Alikwedeleli yini ibandla eliKatolika mayelana neBhayibheli na? Bathi abanandaba ukuthi iBhayibheli lithini, kuyilokho okushiwo yibandla, okushiwo yihlelo labo. Awu, manje-ke, ungababiza kanjani ngokuthi basephutheni uma uzozidela embhaphathizweni ka "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," libe iBhayibheli liwulahla na? Isizathu amaMethodisti asho njalo, amaBaptisti asho njalo na? Kungani uzovuma ekufafazweni nasekuthelweni, ibe ingekho into enjalo eBhayibhelini na? Ayikho into enjenganoma ubani owabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Pho nikwenzelani na?

108 Niyabo, yingakho singesilo ihlelo. Asidingi ukubaphakela. Sithatha . . . Uma uMoya uphosa ukuKhanya emBhalweni, sihlala nomBhalo no ISHO KANJE INKOSI. Nakho lapho okhona. Azikho izinto ezinjalo. Akulotshiwe emBhalweni.

109 O, wena uthi, "Kuthiwani ngoMathewu 28:19 na?"

Manje, sikufunisisile lokho izikhathi eziyidazini. Leyo kwakuyinkulumo uJesu ayisho. "Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Ngabe kwake kwenziwa na? Ngabe wake wabakhona umuntu owake wabhaphathizwa ngaleyondlela na? Akukho namunye. Ngakho-ke kufanele kubekhona okungalungile ndawondawo. Impela, ngubuKatolika obakwenzayo.

110 Tholani uma kwake kwabakhona emlandwini, kuze kuyofika kobaba bangaphambi kweNayisiya, nina bosomlando. Fundani izincwadi zobaba bangaphambi kweNayisiya, futhi nibone, kuze kuyothi ngqi enkosini yaseNgilandi. Bonke babebhaphathiza eGameni likaJesu Kristu kwaze kwaba yibandla eliKatolika. Nebandla eliKatolika linamandla, basho, ukuguqula noma yini abafuna ukuyiguqula. Futhi bahamba beya ekubhaphathizeni egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." UMartin Luther waphuma nawo. UJohn Wesley wawulandela. NoAlexander Campbell ufika nalowo. NoJohn Smith, webandla leBaptisti, waqhubeka walandela. Nansi iPentokoste iqhubeka nawo, namanje.

Kodwa ihora selifikile!

111 Bhekisisani izinti zezibani, njengoba besikuzo izolo ebusuku. Uthi lwesibani lokuqala ngukuKhanya. Kwaya

ngokuba mnyama, kuba mnyama, kuba mnyama, kwaze kwayodlulela eminyakeni engamakhulu ayishumi nanhlanu eminyakeni yezikhathi zobumnyama. Manje-ke, kwaqala kukhanyisa. Futhi nje ngaphambi konyaka webandla wokugcina, laphinde lakhanya futhi. Phakathi kweminyaka yebandla emibili, ukuKhanya kuyafika.

Landelani imiBhalo, yebandla lase-Efesu, ibandla laseThesalonika, kwehle njalo kuye onyakeni wezikhathi zobumnyama. Ngalinye lawo. Wathi, "Unamandla amancane, kepha kawuliphakanga iGama laMi." Nebandla elilandelayo, "Wenze into enkulu, kepha awuliphikanga iGama laMi." Landela obaba bangaphambi kweNayisiya wehle njalo ngalokho. "Kawuliphikanga iGama laMi." Kwase kuthi-ke, iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu yeminyaka yezikhathi zobumnyama.

Kwase-ke kuphuma ibandla lamaLuthela. Wathi, "Kawunalo iGama laMi, kepha unegama." Akusesuye uJesu; kodwa uLuther, neKatolika, neBaptisti, nePresbyterian. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—umhl.] "Unegama lokuthi uyaphila. 'Siyibandla eliphilayo. Siyaphumelela. Siyaqhubeka,' Kodwa ufile!" UmBhalo washo njalo.

112 "Ngokuba alikho elinye igama elinikiwe phansi kweZulu phakathi kwabantu, abantu abangasindiswa ngalo." Hhayi . . . IBaptisti ayikusindisi. IPresbyterian ayikusindisi. IKatolika ayikusindisi. UJesu uyakusindisa.

113 Konke kusemabhukwini aphethe izindaba zesifundo, imicabango engenabufakazi eyenziwe ngumuntu, bayibhala phansi, "Yilokho esikukholwayo." Futhi yingalesosizathu sideda kukho. Asinabhuku eliphethe indaba yesifundo kodwa iBhayibheli. Akukho kuhola, akukho-mbhishobhi, kodwa uMoya. Kunjalo.

Bese kuthi-ke uma kukhona umoya ongalungile ongenayo, uzozama ukusonta into ethize ingene lapho, iZwi liyoyiqondisa. "Lokho akulungile. Dedani kukho." Niyabo? Nakhu kufika noMoya, uthi, "Lokho akulungile." Uyafakaza, ngokuba umoya wethu uyafakazelana noMoya waKhe.

Nakhu kufika oyedwa, ethi, "O, sifanele. O, ngicabanga ukuthi kulungile kubo ukuba benze *lokhu, lokho, okunye*."

114 Kodwa uMoya wathi, "Kukhona okungalungile ngalokho." Ubuyela ngqo eBhayibhelini bese ulibuyisa ukwehlisa ngqo, indlela esenza ngayo. "Futhi akulungile. Deda kukho."

Yingalesosizathu iBhayibheli lathi, "Nakhu kuye onokuhlakanipha. Nakhu kuye onokwazi. Nakhu kuye ona *lokhu*." IBandla lapho, lihlezi ngokohlelo. Aniliboni yini icebo elikhulu likaNkulunkulu na?

115 Manje bukani. UNyaka weBandla laseFiladelfiya wawungunyaka webandla leMethodisti, unyaka webandla lothando lobuzalwane, inguquko. Okungukuthi, ngenkathi ibutho lobuCalvan lase livumbukele ebandleni laseSheshi eNgilandi, lapho ababengasenayo ngisho nemvuselelo, bahamba baze boyothi ngqi ezimbewini zotshani obomile, uNkulunkulu wavusa uJohn Wesley njengomgcini-mthetho, ukuba athathe imfundiso ka-Arminius. Futhi ngenkathi ekwenza, wayishaya leyonto ekhanda, futhi yayifanele ukushaywa. Kodwa wenzani na? Nakhu kufika amaMethodisti, futhi agijima aze ayofika ku*leyo* ndlela njengoba e (abakaCalvin) nza *ngale* ndlela. Manje, maphakathi kwalapho, kuseyilokhu kuyiMethodisti, kuseyilokhu kuyiBaptisti.

116 Ngifisa sengathi besingafika ngapha manje emiBhalweni, Thathani iZambulo 3, futhi nizokuthola. Manje ngaphambi nje. . . Unyaka webandla lokugcina, okwakuyiPentecostal, ngelisivivi, uNyaka weBandla laseLawodikeya, elenqatshiwe.

Kodwa khumbulani, njengoba uJesu wabonwa esiphambanweni, emi ezintini zezibani zegolide eziyisikhombisa, okumnyama ukwedlula konke kwakungukudeda kude le kuYe, isandla saKhe sokudla nesandla saKhe sokunxele. "Futhi Wayebukeka enjengoAlfa no-Omega." Hhayi maphakathi nendawo. "U—uAlfa no-Omega," njengoba Wayelule isandla saKhe. "Futhi Wayeyitshe lejaspi nelesardisi," okwabe kunguBenjamini noRubeni, "owokuqala nowokugcina." Lapho Wayelule izandla zaKhe. Wayemi lapho.

117 Kodwa khumbulani, ekuphumeni kwalokhu, ungakudidanisi. Ngokuba, ngenkathi bemukela lamagama lapha, alamahlelo, babefela kulezozinto ezifanayo ngqo, kwehle njalo ngqo. Kodwa Wathi, "Phakathi nje kweMethodisti nePentecostal, iphuma, "Ngimisile umnyango ovuliweyo phambi kwakho." Nakho lapho okhona, iGama labuyiselwa futhi. "Ngimisile umnyango ovuliweyo. Ngokuba NgiyiNdlela, iQiniso, nokuPhila. Kakho ongeza kuBaba ngaphandle kwaMi." Kuyini na? Lowomnyango ovuliweyo.

118 "Elincane!" Elincane, uma niqaphelile, akusilo eli q-o-n-d-i-l-e. E-l-i-n-c-a-n-e. "Indlela incane." Elincane, amanzi.

Kanjani na? "Buyela eGameni likaJesu, owawunalo. Awuna. . . Unokuphila okuncane; kawuliphikanga iGama laMi." Manje-ke, manje-ke, phakathi *lapha* labalahlekela, bahamba bangena ehlelweni leKatolika; baphumela ehlelweni lamaLuthela, baphumela ehlelweni likaWesley, manje-ke bayongena ngqo kwiPentecostal ke.

Kodwa, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, iNzalo cishe isihambile impela emhlabeni. Isigxambuze yaphuma, iNzalo yokulunga. Inzalo yenyoka inqwabelana ngokushesha ngokushesha ngokushesha, ilungela lonyaka we atomu, ukuba

ibhujiswe. "Kodwa ngaphambi nje kwalesosikhathi, Ngizomisa indlela yokuphunyuka. Ngizomisa phambi kwenu umnyango ovulekileyo. Elincane yilelisango neyingcingo yilendlela, futhi bayoba yingcosana nje babo abayoyifumana. Kodwa indlela inkulu eyisa ekubhujisweni, futhi bayobabaningi abayongena lapho." Nakho lapho okhona. Ngaphambi nje kwalokhu, lokhu ukuKhanya okukhulu kwakufanele kuthi vumbu.

119 Ngijabula kakhulu. Angazi nje ukuthi ngingakuzwakalisa kanjani, ngijabula kakhulu. Nasi, isikhathi sokuvala, futhi angikaze ngiyithinte indaba yami.

120 Ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *UmBhaphathizo KaMoya oNgcwele*. Ngizowuthinta, empeleni, eyishumi, imizuzu eyishumi nanhlanu. Manje, ngeke nginihlalise amahora amathathu njengoba ngenzile izolo ebusuku; ngizozama ukuba ngingakwenzi.

121 Manje, uma benombhaphathizo wamanzi wamanga, amahlelo asephutheni. Futhi noma ngabe ubani osemuva ngamahlelo athize ngokoqobo wesekela into eyiphutha. Besekela lokho uNkulunkulu amelene nakho. Washo njalo kuleminyaka yebandla. Washo njalo emBhalweni, futhi wawabiza ngonondindwa, ngoba, "Afundisa iziMfundiso eziyimiyalo yabantu." Manje, thina zi . . .

122 Ngaya endaweni esikhathini esingeside esedlule, endodeni ethize ingena lapha, ibhala umqingo wocwaningo ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Yayisithi, "Into kuphela ngawe, Mfowethu Branham," yathi, "abantu bamelana nawe ngoba uya kumaPentecostal."

Ngathi, "Awu, ngizoza kwelakho," ngathi, "uma uzongesekela edolobheni lakini."

Yathi, "Awu," yathi, "Sengi—sengivele ngikusukumele lokho." Yathi, "Ngikuthathe ngakuyisa kumbhishobhi walelibandla *elithize*, ibandla leMethodisti." Asikho isidingo sokuhoxisa izibhakela ngakho. Yathi, "Ngakusukumela, base bethi, 'Manje, niyabo, thina, njengebandla leMethodisti, asikholelwa kulezizimangaliso.'"

123 Manje nizokwenzenjani na? Manje uzolalela ibandla leMethodisti, noma ihlelo na? Uma unjalo, ungusonkolo ongunondindwa. Nicabanga ukuthi ibandla leBaptisti belingesekela umkhankaso onjalo na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Ngani na? Ngoba bangamaBaptisti. IBhayibheli lathi bangonondindwa. Lazala amadodakazi alo, futhi ayeyizi "febe." Ngani na? Likhipha uhlobo olufanayo lwemfundiso, imfundiso eyenziwe ngumuntu, esikhundleni seMfundiso kaNkulunkulu. Yingakho singahleliwe namaBaptisti. Yingakho singahleliwe namaMethodisti.

124 Manje, yingani singahlelelani namaPentecostal na? Nakhu lapho okhona. Kunjalo impela. IPentecostal yayihlale

lapho . . . Ukuba—ukuba ibandla lamaLuthela lalihlale lapho elaliqale khona, beliyoba yiPentecostal. Kodwa ahlela, ngakho uNkulunkulu wavusa elinye ipentecoste, elibizwa ngoWesley. Futhi ngakho ngenkathi uWesley ehlela, Wavusa elinye, elibizwa ngeBaptisti. Ngenkathi behlela, wayese-ke Evusa omunye, obizwa ngabakaCampbell. Ngenkathi behlela, Wavusa omunye, obizwa ngePhentekoste. Ngenkathi behlela, Uyaqhubeka. Bhekisisa nje futhi ubone.

125 Akusilo uhlelo lukaNkulunkulu lwaPhezulu. Akukho ohlelweni lukaNkulunkulu, ukuba nalawomahlelo. Ngakho, niyabo, yingakho singesilo ihlelo.

126 Khumbulani lokhu. Ngithe, ekuqaleni, manje, uma nginilimaza, angiqondile. Lokhu ngokwebandla. Uma uhlezi ngapha, sithanda ukuba nani lapha, kodwa yilokhu esikumeleyo, futhi kungani singesilo ihlelo.

127 Manje, ihlelo, okokuqala nje, lingamanga, nabafundisi bamanga. Ngithe kuzolimaza, futhi ngifuna kulimaze. Ngokoqobo bangabafundisi bamanga. Noma yiyiphi indoda ezaziyo lezozinto, futhi izoma futhi ixegise, ngeBaptisti, iMethodisti, iLuthela, noma iPentecostal, yazi ukuthi iBhayibheli lifundisa okwehlukile, ingumprofethi wamanga. Akukho kunamathelana ngakukho. Kunjalo impela. Yingakho ngingayijoyinanga iAssemblies. Yingakho ngingayijoyinanga iOneness. Yingalesosizathu ngingayijoyinanga iBaptisti, iMethodisti, noma iPresbyterian, ngoba angamanga. Angiqondile ukuthi abantu bawo ungamanga. Ngiqonde ukuthi isayense yabo yezenkolo ingamanga, ngoba ayiqhathaniseki neZwi likaNkulunkulu.

UPawulu wathi, "Uma i . . ." Wawelela ngapha . . . Ake nginikhombise ukuthi uPawulu wathini, ngaphambi kokuba sisuke kulombhaphathizo wamanzi.

128 Ngenkathi uJesu enza inkulumo, kuMathewu 28:19; uPetru, ezinsukwini eziyishumi kamuva, wathi, "Phendukani yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele."

Isikhathi esilandelayo umbhaphathizo owashiwo ngaso, ngenkathi uFiliphu umvangeli ehla wayeseshumayela kumaSamariya. Futhi wawabhaphathiza onke eGameni likaJesu Kristu. UPawulu . . . UPetru wehla, noma uPetru noJohane, njalo, wayesebeka izandla phezu kwabo; bemukela uMoya oNgcwele.

Base-ke beqhubekela enhla lapho. UPetru wayeseqonda ngqo ngaleyonkathi endlini kaKorneliyu. Futhi ngenkathi uKorneliyu . . . "Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela kubo." UPetru wathi, "Singenqabe namanzi, lokhu laba sebemukele uMoya oNgcwele njengoba senza

ekuqaleni." Futhi wabayala ukuba babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu.

129 Manje, uPawulu wadabula izwe elingasenhla lase-Efesu; ufumana amanye amaBaptisti. Futhi babeno—babenomphostoli enhla lapho, umphostoli weBhayibheli, negama lakhe lalinguApolo. Wayeyisazimthetho, esiphendukile, futhi wayefakazisa kubantu ukuthi uJesu wayenguKristu, ngeBhayibheli. Wathi, "U—uMesiya ufanele ukwenza izinto ezithize. LoMuntu wayenguMesiya."

130 Futhi babenesigejane esikhulu sabantu lapho, futhi babejabula, futhi bememeza, futhi benesikhathi esikhulu sakho. UAkwila noPrisila babewelele lapho base bebajoyina, benenhlanganyelo nabo. Babengenahlelo. Babenenhlanganyelo. Futhi ngakho babona ukuthi lendoda yayiyindoda edumileyo, o, yayihlakaniphile, ummeli, futhi waye—wayeyindoda ehlakaniphile. Ngakho u . . . Bathi, "Manje, wena, ukahle kakhulu kulokho okwaziyo, kodwa sinomzalwane omncane ogama linguPawulu. Uma efika, unesehlakalo esithize, uyazi ukuthi ukhuluma ngani. Uzokufundisa indlela yeNkosi kucace kakhulu; uma nje uzohlala futhi umlalele. Manje, ungazami ukufuqela into ethize kuye, ngoba akazukuma athule du ngakho. Uyabo? Kodwa uvele nje—uvele nje uqhubeke, umlalele."

131 NoPawulu uyafika. Wabalalela, ebhekisisa kanye ngapho.

Wathi, "Lokho kuhle kakhulu, kepha namamukela yini uMoya oNgcwele, nina maBaptisti, lokhu nakholwayo na?"

"O," bathi, "asinaYe na?"

"Angicabangi kanjalo." Niyabo?

"Awu, ngani na?"

"Awu, nabhaphathizwa kanjani na?"

"O, sibhaphathiziwe. Sibhaphathiziwe."

132 "Awu, ubani owanibhaphathizayo na? Futhi nabhaphathizwa kanjani na?"

IBhayibheli lithi, "kukuphi." IsiGreki, noma elokuqala lithi, "kokukanjani." Naleli lithi, "*kukuphi*." Wathi, "Yini enabhaphathizelwa kuyo na?" Ngamany'amazwi, "Nabhaphathizwa kanjani na?"

133 "Sabhaphathizwa nguJohane umBhaphathizi, yona leyondoda eyabhaphathiza uJesu Kristu, isisele esifanayo samanzi."

Lowo ngumbhaphathizo omuhle kakhulu, anicabangi kanjalo na? Kubukeka sengathi lokho kwakunganamathela kahle, akunamatheli na? Kubukeka sengathi kwakulungile, uma indoda eyahamba yangena emanzini neNkosi yethu uJesu Kristu futhi yabhaphathiza uJesu. NoNkulunkulu wakuvumela, uze Ehle ngesimo sikaMoya oNgcwele futhi wahamba wangena

kuYe. Futhi Wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuyo," emva kwalowombhaphathizo nje. Kubukeka kimi sengathi lowombhaphathizo wawukade ukahle.

134 Wayesethi uPawulu, "Ungeke usasebenza manje. Ngeke usasebenza."

"Kungani ungeke usasebenza na?" Niyabo?

"Nifanele niphinde nibhaphathizwe futhi."

"Usho ukuthi thina, esibhaphathizwe nguJohane, owabhaphathiza uJesu, kufanele siphinde sibhaphathizwe na?"

"Kunjalo."

Bathi, "Sifanele sibhaphathizwe kanjani na?"

135 Wathi, "EGameni likaJesu Kristu."

UPawulu wayesebakhiphela lapho wayesebabhaphathiza bonke, ebaphinda. IZenzo 19:5. "Bathi ukuzwa lokhu, baphinde babhaphathizwa, manje, eGameni likaJesu Kristu. NoPawulu wabeka izandla zakhe phezu kwabo, base bemukela uMoya oNgcwele."

136 Uma uPawulu acindezela abesilisa nabesifazane ukuba baphinde babhaphathizwe futhi, eGameni likaJesu Kristu; uma ngashumayela noma yiliphi elinye iVangeli, kusho ukuthi-ke umoya wami awulungile njengoba okaPawulu wawunjalo. "Makazi ukuthi engikulobayo yimiyalo yeNkosi."

137 Futhi manje kwabaseGalathiya 1:8, uPawulu wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini ifika, ingelozi ekhazimulayo." Ukhuluma ngani na? Isambulo. Malibusiswe iGama leNkosi! Akunandaba ukuthi isambulo sakho sinjani. Niyakukhumbula okwenkonzo yethu yokuqala kulokhu ukusa, iUrimi Thumimi na? Uma kufika into ethize futhi ikwembule ngokupheleleyo, ingumqambimanga, iyingelosi yamanga, nendoda ethwele umlayezo wayo ingumprofethi wamanga. Yinye kuphela indlela yokubhaphathizwa, leyo yiGama likaJesu Kristu. Uma ungakabhaphathizwa ngaleyondlela, likhona ichibi lokubhaphathizela elilindileyo. Kunjalo.

138 Owamanga! Ngitholele indawo eyodwa lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Akukho eMibhalweni engcwele. Kuyini na? Ngumbhedesho owaqala nebandla eliKatolika. Singakweseka lokhu. Sinezimfundiso ezigcwele zikababa waseNayisiya. Sinomlando wakho. SinekaHislop ethi *AmaBabiloni amaBili*. Sinombhalo kaJosephus. Sinayo yonke imilando yasendulo. NoJosephus wabhala ngesikhathi seNkosi uJesu. EkaHislop ethi *AmaBabiloni amaBili*, yabhalwa emva kwalokho. O*Baba bangaPhambi kweNayisiya* yabhalwa emva kwalokho, ngaphambi kokubunjwa kwebandla eliKatolika. Bese-ke kungena ibandla eliKatolika, lase likufuqa konke likukhipha

lase lengamela, bona uqobo, neRoma labahedeni lenziwa iRoma lobuphapha. Futhi lapho baletha lowombhaphathizo wamanzi wamanga, waya ekufafazweni, futhi usuka eGameni leNkosi uJesu, uya ku "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." NoJesu wathi, phansi kokuphefumulelwa Akunika uJohane ePatmose, "Unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile." "UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele" yigama elifayo.

139 Ake nginixoxele ngesehlakalo esincane esiqondene nami; eSwitzerland, eJalimane, nezindawo lapho engike ngaba khona.

Usebenza kanjani ababhuli na? Uhamba kanjani umoya omubi na? Ngifuna ningikholwe, njengomelusi wenu, ngoba yini engikhuluma kini. Odeveli bahamba ngegama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Banquma izimpaphe, nakho konke okunye, bese bephosana ngamalumbo, ngegama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," bakubize ngokuthi ngamagama amathathu aphakeme. Unina wakho ngamabandla eKatolika. Baya kulezizithombe ezincane bese beguqa lapho, bese benquma izimpaphe ngezikelo, bese belubhekisa emuva, bese bephosa amalumbo komakhelwane babo, kanjalonjalo, lapho besha khona baze bafe, nakho konke okunye, ngakho.

140 ESwitzerland, ngike ngama nezandla zami zisesigxotsheni, *kanjalo*, lapho abesilisa abaqotho nabesifazane bafela khona, ngenkathi bebasika babakhiphe izilimi, futhi babashise babakhiphe amehlo, nakho konke, ngensimbi eshisayo, lesosifebe esiyibandla eliKatolika. Akusikho lokho kuphela, kodwa namabandla enu asekuqaleni aseNgilandi, futhi. Namabandla enu amaProtestani enza into efanayo. Futhi baphosa lawomalumbo, ngo "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele."

141 Umfowenu nomelusi, ngike ngaba ne—nenhlanhla, ngomusa kaNkulunkulu, ukuba ngivikelwe kulezizinto, kodwa ukwazi ngokuzibonela ngamehlo ebengikhuluma ngakho. Lapho, owesifazane, wayeze kulelibandla, wangigxeka futhi wathi, "Uzilulaza ngokukhonza imimoya yabangasekho." UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi konke kwakumayelana nani. Ngeke ngathatha-muntu . . . Angizange . . .

142 Ngenkathi bengitshela ukuthi iPigalley, ePerisi, yayiyindawo enegama elibi, ngazi kanjani na? Ngangingakaze neze ngibe lapho. Kodwa ngehlela lapho ukuyothola ukuthi kwakunjalo yini noma qha. Ngathatha ababili noma abathathu abanye futhi abefundisi ngase ngehlela lapho kulabo besifazane nezinto ezazihhundulwe kuleyomigwaqo nezinto. Yiqiniso.

143 Ngazi kanjani ukuthi iRoma ihlezi phezu kwamagquma ayisikhombisa na? Ngazi kanjani ukuthi uphapha wayene VICARIVS FILII DEI na? Kwadingeka ngithathe igama lomunye umuntu ngakho. Ngazi kanjani ukuthi umqhele okathathu wawukuphapha; amandla esikhundla sombambeli weZulu

nomhlaba nesihogo na? Ngakwazi kanjani ngaze ngahamba ngakubona na?

144 Ngazi kanjani ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo na? Hhayi phansi kwesayense yezenkolo yomuny'umuntu, umcabango othize wokuhlakanipha kwesikhathi esithize samadlingozi asedlula onyakeni osewadlula, njengoba abaphikinkolo benganitshela. Kodwa ngoluny'usuku, ezansi ngaleya, ngaMfumana futhi ngakhuluma naYe, ubuso nobuso. Lokho kwenza izinto zehluka. Kunjalo impela.

145 Ukukhonza imimoya yabangasekho kusebenza ngo "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Ngama emhlanganweni lapho labobathakathikazi wayesebenza. Ungacabangi ukuthi ngeke bakuphosele inselelo. Bama lapho. Baphosa itafula phezulu emoyeni, lase lihambahamba lintanta; nesiginci sidlala. Bemi lapho, futhi babefuna ukungikhipha. Ngathi, "Nisephutheni." Nomoya wabaphendula, umoya uzisho ukuthi unguNkulunkulu, bathi wawunguNkulunkulu. Ngathi, "Yiphutha. Yidemoni."

Bathi, "Lendoda ingengakholwayo."

146 Ngathi, "Ngingongakholwayo ngalento, ngoba awusiwo oweNkosi yami. Lobu ubuthakathi. Lokhu ngokukaDeveli." Ngathi, "Manje, lapha ngizozama leloGama elinamandla engibhaphathizwe kulo." Ngathi, "Ngegama la 'maZulu aphakeme,' ngitshele iqiniso." Akangiphendula ngisho. Ngathi, "Egameni le 'Bandla elingcwele,' ngitshele iqiniso." Akangiphendulanga. Ngathi, "Egameni lika 'Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele,' ngitshele iqiniso." Futhi akangiphendulanga. Kodwa, ngathi, "EGameni lika 'Jesu Kristu,' ngitshele iqiniso."

147 Wathi, "Yebo. Kuyiphutha." UNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Yebo, mnumzane. O!

> Ukukholwa kuYise, ukukholwa eNdodaneni,
> Ukukholwa kuMoya oNgcwele, laba abathathu baMunye;
> Amademoni ayothuthumela, izoni ziphaphame;
> Ukukholwa eNkosini uJesu kwenza yonke into izamazame.

Yebo, mnumzane. Hlala ngaleloGama.

148 "Unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile." Nanto ibandla lakho. Lilapho-ke.

149 Lalelani. Kukhona owesifazane oyedwa ohlezi . . . Kukhona abakahle, ababukeka bebahle, abesifazane abahle abahlezi kulelibandla kulokhu ukusa. Abesifazane abasebasha, abesifazane abaphakathi nendawo ngeminyaka, abesifazane abadala, bonke bakahle. Bangumkamuntu, indodakazi yomuny'umuntu, isithandwa somuny'umuntu, kanjalonjalo.

Banjalo, bonke. Munye uNkk. Branham ohlezi lapha. Nina, nonke, besifazane. Kodwa munye uNkk. William Branham. Nguye oya ekhaya kanye nami. Nguye oyisithandwa sami. Nguye okhulisa abantwana bami.

150 Maningi amabandla akahle ezweni namhlanje. Kodwa munye uNkk. Jesu ozala ezangempela, zeqiniso, izidalwa zikaNkulunkulu. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, anazi na? Igama lakhe akusiyo iMethodisti. Igama lakhe akusiyo iBaptisti. Igama lakhe nguJesu, uNkk. Jesu. Impela, Unguye. Uzala abantu, hhayi amalunga ebandla leMethodisti. Akazali ibandla leBaptisti, noma iPresbyterian, noma iKatolika. Uzala labo, abazelwe, futhi bagxilisa okwezimpande futhi bagxila kuKristu Jesu. Nango. NguYe lowo. Ngijabula kakhulu ukuthi ngikanye naYe. UyiBandla elifihlakele. Akanahlelo. Akaphethe nelilodwa lalamagama amakhulu aphakeme kakhulu nezakhiwo ezinkulu. Uhlangana lapho khona onke amalunga oMzimba ebuthana khona ndawonye. Bakhonza ngoMoya nangeQiniso. Bamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

Omunye futhi umBhalo, futhi ngiyanethembisa ngizovala. Futhi ngizokushiya konke okunye kwakho kuze kube yilobubusuku. Leo, ungakubamba lokho kulobubusuku, ngaleyonkathi.

151 Asiye kwabase-Efesu, umzuzu nje. Nje sifunde lomBhalo owodwa, ngizobe-ke sengiwushiya nani. Siyathola ukuthi iBhayibheli litheni manje ngalokhu. Ngizothatha lomfundisi omkhulu, uPawulu, oyi. . . Akukaze kubekhona lutho olunjengaye. Wayengumphostoli eBandleni labeZizwe. Kulungile. Tholani abase-Efesu 1.

152 Manje sizovala, emzuzwini nje. Lalela lokhu, mngani wami othandekayo. Lalela uPawulu eshumayela ohlobweni olufanayo lweBandla engiyilo, kulokhu ukusa.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando ka. . .* (ibandla lePresbyterian? Ibandla liphi?) *. . . ntando kaNkulunkulu, kubo abangcwele* (abangcwelisiweyo) *abase-Efesu.*

Manje, khumbulani, bahlakazeke emhlabeni wonke. Kodwa, leli yiqembu elise-Efesu, akhuluma kulo. Manje, akakhulumi kulo izwe. Akakhulumi emalungeni ebandla endawo. Uqondise lokhu kwabangcwelisiweyo. Ake sibone.

> *. . . nakubo abakholwa nguKristu Jesu:*

Singena kanjani kuKristu Jesu na? "NgaMoya munye sonke siyabhaphathizwa," ukukholwa okuphilayo. Wazi kanjani ukuthi unoMoya oNgcwele na? Sizofika kulokho mhlawumbe kulobubusuku. Niyabo? Kulungile.

> *. . . nguKristu Jesu.*

> *Makube kini umusa, nokuthula, okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, na . . . Nkosini uJesu Kristu.*
>
> *Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile ezulwini . . . ngesibusiso sonke sokomoya:*

153 Niyazi, akuthathi inqwaba yokumpompoloza. Akuthathi inqwaba yokumemeza. Lokho kulungile; akukho okumelene nakho. Kulungile. Akuthathi lokho. Kuthatha i—inhliziyo ezithobile, sihlezi ezindaweni zaseZulwini, sizitika ngezinto zikaMoya. Futhi uMoya uzitika ngani, idlingozi na? Lutho nhlobo. Uletha idlingozi. Niyabo? Kodwa ubunga . . .

154 Khumbulani. Niyawukhumbula umbono mayelana nemvula nokolo, ukhula na? Khumbulani. Ngenkathi imvula edingekayo, kukhona ugudluthukela omncane, ugebise ikhanda lawo elincane, ukolo ugebise ikhanda lawo. Uma kufika imvula, bobabili bagxuma bamemeza. Imvula efanayo. "Kepha niyakubazi ngesithelo sabo." Bukani.

> *Makube* kini *umusa,* . . . *okuvela—okuvela* kuNkulunkulu *ubaba wethu,* . . .

Manje bhekisisani. "Njengalokhu . . . " Ivesi 4 manje.

> *Njengalokho* asi*khethela kuye* . . .

Emvuselelweni yokugcina na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Hhe? ["Qhabo."] Uma siba yilunga leBaptisti noma iMeth- . . . ? Qhabo. "Asikhethela," ngaphambi kokuba babe nomhlangano. Ya.

> . . . *ngaphambi kokusekelwa kwezwe,* . . .

Wasikhetha ngayo leyonkathi. Akusikho, asiMkhethanga. Wasikhetha. Niyabo? Wasikhetha ngaleyonkathi ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

> . . . *ukuba sibe-ngcwele* . . .

155 Saba ngcwele kanjani na? Hhayi ngalokho esakwenzayo, kodwa lokho Asenzela khona, ngoba ngeke saba njalo. Ungayenza kanjani ingulube ibe yiwundlu na? Mfowethu Roy, wawufuye izingulube namawundlu, kokubili. Ungeke—ungeke—ungeke wakuxuba. Ingulube nje . . . ihambahamba ngapho bese idla lonke uhlobo lwento engaluthola. Iyophumela enqwabeni yomquba bese idla kugcwale isisu. Awu, awuphatheki kabi ngalokho. Ucabanga ukuthi leyongulube ikahle nje. Iyingulube enhle nje. Yilokho kuphela. Kodwa awuliboni iwundlu ngapho. Yayingeke yalimemela idina ngapho, lalingeke lize. Qhabo. Yin'indaba na? Isizathu, iyingulube. Uyahamba uyitshele ukuthi inephutha. "Akabusiswe uNkulunkulu, ngiyingulube. Hlala kwezakho izindawo. Yehlela lapho, ube ngumgingqiki ongcwele uma ufuna." Nakho lapho okhona.

"Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini," kwasho iZwi.

156 Manje, hhayi ngoba ngiyeka ukudla umquba, kwangenza ngehluka engulubeni, niyabo, kwangenza ngingabe ngisaba yingulube. Akusikho lokho. Kodwa ngenkathi kuguquka imvelo yami. "O, babiyela ngothango, ngiqagele. Bavala ngemigoqo. Angifanele ukwenza *lokhu*"? O, qhabo. Awuvaleli lutho ngomgoqo kulokhu. Uzalwa ngokusha nje. Yilokho kuphela. Usuguquliwe nje. Kunjalo.

157 Kodwa uma ubungakhipha umoya kulelo—kulelowundlu bese uwufaka engulubeni; lelowundlu belingenza into efanayo. Ingulube ibingenza into efanayo umoya wewundlu kulo obungayenza, nalelowundlu belingajika ngqo bese lenza into efanayo eyenziwe yingulube.

Manje niyabo, nina zingulube, nikuphi na? Niyabo? Kunjalo impela. Kunjalo. Niyabo? Niyaqhubeka niphume futhi nithande izinto zezwe, nigqoke izikhindi futhi nenze zonke lezizinto. Qhubekani, kukhombisa ukuthi niyini.

158 "Niyakubazi ngesithelo sabo. Ngabe umuntu uyakha amakhiwane emeveni na?" Niyabo? Qhabo, qhabo. Ukha amakhiwane ezihlahleni zamakhiwane. Uthola ama apula ezihlahleni zama apula. Uthola ameva ezihlahleni zameva. Kunjalo.

Manje, lalelisisani impela manje.

> *Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu,* ngokwabakhe, njengalokho kwaba-kuhle kuye *ngentando yakhe—yakhe*.
>
> Wasimisela ngaphambili, *uk*uze kutuswe *inkazimulo yomusa wakhe*, asiphe wona *ngesihle ngaye othandiweyo*.

159 Kwenziwa ngubani na? "Isizathu ngiyeke ukuphuza na? Isizathu ngiyeke ukubhema na?" Qhabo. Wakwenza. Wangenza, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngemukeleke ebukhoneni bomusa waKhe. Lutho engilwenzile. Angenzanga lutho ngakho. Ngangingenalutho engangingalwenza ngakho.

Ngangiyingulube, kwase kuqaleni nje. Ngangiyisoni, ngizalwe emndenini wezidakwa, ngakhuliswa esigayweni sotshwala obungekho emthethweni, ngihlezi phezu komphongolo kagologo, okudumazayo. Kunjalo. Umshovi waseKentucky wotshwala obungekho emthethweni, ngingakaze ngiligqoke ipheya lezicathulo ngaze ngaba ngumfana omkhulukazi. Izinwele zehle zayoshaya entanyeni yami, ngihlezi enhla lapho phezu komphongolwana wotshwala obungekho emthethweni, ngenza utshwala obungekho emthethweni.

Nokho, uMoya oNgcwele ufika kimi, ngineminyaka eyisikhombisa ubudala, wathi, "Ungathinti nethonsi labo.

Futhi ungazilulazi ngalawomantombazana amadadlana phandle lapho. Futhi ungabhemi usikilidi noma umpolombe ukumpolomba." O, he! Kwakuyini na? Intando kaBaba enhle, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuthi Wayezongithuma ukuba ngishumayele iVangeli futhi ngihole izimvu zaKhe. UNkulunkulu aMbusise futhi, kuze kube-phakade, leloGama elikhulu! Ngiyohlala ngeBhayibheli laKhe, ngicwila noma ngigwiliza, ngithandwa ngabantu noma ngingathandwa ngabantu. Noma ngabe ubani uyangithanda, noma qha, ngizothokozisa Yena. Ngifuna ukwenza lokho okuthokozisa Yena.

160 Uma iBaptisti ingenqaba, iMethodisti; iPentecostal, phezu "kobufakazi babo bokuqala obubonakalayo, ukukhuluma ngezilimi, kunguMoya oNgcwele." Yingalesosizathu singesiyo iPentecostal. Asikholwa ukuthi ukukhuluma ngezilimi kukwenza ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kanjalo futhi asikholwa ukuthi ukuhlala ehhokweni bekungakwenza ingulube. Qhabo, mnumzane. Kanjalo futhi asikholwa ukuthi ukuhlala e—esigodlweni bekungakwenza ube yinkosi. Akukwenzi! Ubungaba yinceku. Niyabo? Ubungaba yinoma yini. Qhabo, mnumzane.

161 Sikholwa ukuthi wemukela uMoya oNgcwele ngesehlakalo, hhayi ngomcabango wokuhlakanipha oyinsumansumane wemiBhalo, kodwa ngesehlakalo esaziwa nguwe wedwa. Manje, uma ufuna ukwazi noma ngabe kwakunguMoya oNgcwele, bhekisisa ukuthi impilo yakho ikufanekisa kanjani lokho. Izosho ukuthi nhloboni yomoya engena kuwe.

162 Ungahle ukhulume ngezilimi futhi ungahle ungakhulumi. Kodwa kungani iPentecostal yenza into embi kabi kangaka njengaleyo na? Kubambeni lokho. Yakwenzelani iPentecostal lokho na? Kungani na? Ngoba, ekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu eqala ukubuyisela ngaleya, iminyaka engamashumi amane eyadlula, ebuyisa iziphiwo, umuntu uqala ukukhuluma ngezilimi. Futhi ukukhuluma ngezilimi kuyisiphiwo esincane, ngokufundisa kukaPawulu, esixhekeni sazo zonke iziphiwo. "Isiphiwo esincane kunazo zonke iziphiwo, ngukukhuluma ngezilimi." Futhi kwathi nje bangakwenza, bonke baxhuxhuma futhi benza ihlelo, futhi balibiza ngoMkhandlu oMkhulu, okuyiAssemblies of God.

163 Manje, ngike ngakhuluma kwamanye amadoda abo awedlula onke, osiyazi babo bezenkolo ababedlula bonke, futhi bathi, "Mfowethu Branham, uqinisile. Kodwa pho singenzenjani manje na? Uma besingakuvukela lokho, besizokhahlelwa sikhishwe. Futhi lingacabangani ibandla lethu ngakho na? Kanti, sesibafundise iminyaka, sesibafundise iminyaka, ukuthi, 'Ubufakazi obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele ngukukhuluma ngezilimi.' Kuzokwenzekani-ke uma sikushintsha manje na?" Leso yisiqalekiso sehlelo.

Ayibusiswe iNkosi! Asinahlelo. Njengoba uMoya uhola nje, siyaKuthatha.

Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uyisehlakalo esiqondene nomuntu.

164 Ngibabonile abantu bekhuluma ngezilimi. Ngibabonile abathakathikazi nabathakathi. Noma yisiphi isithunywa senkolo sazi okufanayo, esesake sabhekana nobuthakathi namademoni. Ngibabonile bema futhi bekhuluma ngezilimi, bese bephosa uthuli ngemuva kwamakhanda abo, bese bezisika ngomkhonto omude, bese bekhuluma ngezilimi bese bekuhumusha. Futhi wena uthi lowo nguMoya oNgcwele na? Impela, akusiwo. Yidemoni.

UJesu akazange athi, "Niyakubazi ngezilimi zabo," kodwa, "Niyakubazi ngesithelo sabo." Nabase-Efesu 5:1 basho, ukuthi, "Isithelo sikaMoya wuthando, ukujabula, ukuthula, ukukhuthazela, ubuvi, ububele, ukubekezela, ubumnene, ukukholwa, ukuzithiba." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nakho lapho okhona.

165 Manje, uma uyiMethodisti, lezonhlobo zezithelo ziyakulandela, ukuthi awusheshi ukuba nolaka, bese ulwa nokunseneneza kwesaha, uma unokukhuthazela, lokhu usunothando, futhi uyamnaka wonke umuntu; uma uthando lwakho lokuqala lunguKristu, okwakho okulandelayo ngumfo wakini, wena yiba ngowesithathu, kwehle njalo kanjalo; uma uqhubeka, unokubekezela, ububele, ukukhuthazela, ukukholwa. "He," wena uthi, "uMoya weNkosi uphezu kwami. Futhi kukhona ukuphiliswa kwaPhezulu. UMoya oNgcwele uyafana namhlanje."

166 Manje wena uthi, "Awume kancane. Ngiyafundiswa kwichurch of Christ. Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Unedemoni. Kunjalo.

Wena uthi, "Awu, sifanele sibhaphathizwe. EBhayibhelini, ayikho into okuthiwa ngukubhaphathizwa egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.' Ngiyakubona khona manje. KusemBhalweni. YiGama leNkosi uJesu. Ndawo zonke, yiGama leNkosi uJesu."

167 "Awume kancane, sizokukhahlela sikukhiphe kwiAssemblies." Ugwaca kulokho, unomoya wamanga kuwe. Ulalele ukufundisa kwamanga, noma umprofethi wamanga.

168 Manje, thola indawo eyodwa nje lapho abake babhaphathizwa khona, igama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," futhi ngiyonikela kuwe. Ngizokukhombisa, yonke indawo, babhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu. Manje, ubani oqinisile, iAssemblies noma iBhayibheli na?

169 Uma uthi, "Awu, ngifafaziwe. Akabusiswe uNkulunkulu, lokho kuhle impela nje kimi. Nje awunayo imfundo eyenele.

Ngiyakutshela, bafafaze. Kwenza mehluko muni, ukuthelwa ngamanzi noma ukucwiliswa phansi na?"

Angikhathali ukuthi ku—ukuthi kubukeka kanjani. IBhayibheli lathi akubhaphathizwe. Futhi *ukubhaphathiza* kusho "ukucwiliswa."

Wena uthi, "Kwenza mehluko muni na?"

170 Awu, uma-ke—uma-ke uNkulunkulu watshela uMose, "Khumula izicathulo zakho; usemhlabathini ongcwele"; uMose athi, "Lokho kuyinkathazo enkulu kakhulu. Ngizovele nje ngikhumule isigqoko sami; ngifanele ngiqaqe izicathulo zami"? Kwakungakuhle nje impela na? Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu wayengeke neze akhulume kuye aze akhumule izicathulo zakhe. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.]

Futhi uNkulunkulu akasoze akhuluma ebandleni lize libuyele ezindabeni nemigomo uKristu ayendlale phansi, futhi lingahlelwa ngokwamadlingozi noma ihlelo elithize ukulidonsela *ngapha nangapho*. Bazodingeka babuye ukuba bakholelwe ezimangalisweni, bakholelwe ezibonakalisweni, bakholelwe kuMoya oNgcwele, babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, nazo zonke lezizinto. Bazodingeka babuyele kuLokho, kungenjalo uNkulunkulu angeke akhulume kubo. Kunjalo impela. Lilapho-ke ibandla.

171 Yingakho singesibo abamahlelo. Yingakho impela singasonti ehlelweni.

Sikholwa yiBhayibheli. Bese kuthi-ke kukhona izinqwaba zezinto phakathi Lapho esingazazi; inqwaba yakho. Kodwa, "Simi sivulekile, Nkosi Jesu. Kwembule nje."

> Futhi sizohamb'ekuKhanyeni, kungukuKhanya okuhle,
> Kuvela lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
> Kusikhanyisa macala onke, emini nasebusuku,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Hhayi iMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian; kodwa, uJesu, ukuKhanya kwezwe.

> Nonke nina bangcwele bokuKhanya memezelani,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe;
> Khona-ke izinsimbi zaseZulwini ziyokhala,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Wonk'umuntu, ngendlela yokukhonza manje.

Sizohamb'ekuKhanyeni, beauti-. . .(Kubambe umzuzu nje, uyabo.)
Kuvela lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa macala onke, emini nasebusuku,
UJesu ukuKhanya kwezwe.

172 Ungeqoke yini ukuba noJesu neZwi laKhe, kunokuba nayimuphi umqondo wehlelo ngakho na? Bangaki abangaqoka ukuba noJesu neZwi laKhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje, thola indawo eyodwa phakathi lapha lapho uNkulunkulu ake agcoba khona ihlelo. Thola indawo eyodwa Ake abeka khona umshumayeli wesifazane noma wagcoba oyedwa, emiBhalweni. Thola indawo eyodwa lapho noma yimuphi umuntu ake afafazwa khona noma wathelwa. Thola indawo eyodwa lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona eGameni likaJesu Kristu, nomaphi, kunoma yini kuphela iGama likaJesu Kristu; hhayi u "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Thola lapho umuntu oyedwa ake abhaphathizwa khona egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Woza ungikhombise. Kuphi, wonke umuntu wabhaphathizwa eGameni likaJesu.

173 Manje siqhubekela ezintweni ezijule kakhulu kunalokhu manje. Manje singena e "bufakazini bokuqala obubonakalayo," kanjalonjalo, nokubona nje ukuthi kukuphi.

Manje, uma befundisa okuphambene nalokho, bafundisa izinto ezingekho eBhayibhelini.

174 Khumbulani, nginibuza ngendawo eyodwa lapho okwake kwabakhona ihlelo. Ngikhombise eyodwa nje. Khona-ke ukhona onephutha. Angibuzi ukuthi kubekhona oyedwa *lapha* noyedwa *ngapha*, mhlawumbe, uma omunye wayengekho. Ngiyanikhombisa. Ngikhombise indawo eyodwa okwake kwabakhona ihlelo, iminyaka engamakhulu amathathu emva kokufa komphostoli wokugcina. Ngikhombise lapho kukhona khona ihlelo elilodwa ngaphandle kwebandla eliKatolika liliqala. Ngikhombise indawo eyodwa ukuthi iBhayibheli aliwagxeki amahlelo. Manje-ke kungani niyihlelo na?

175 Ngikhombise indawo eyodwa, manje, indawo eyodwa, indawo eyodwa lapho noma yimuphi umuntu ake afafazwa khona, kukho ukuthethelelwa kwezono zabo. Angisho ukuthi oyedwa *lapha* nje na *laphaya*. Manje ngikhombise indawo eyodwa emBhalweni wonke. Ngikhombise indawo eyodwa emBhalweni wonke lapho khona noma ubani ake athelwa khona, kukho ukuthethelelwa kwesono sabo. Ngikhombise indawo eyodwa lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona egameni lika Je-. . . Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Indawo eyodwa nje, umuntu oyedwa, lapho umuntu oyedwa ake abhaphathizwa khona egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele."

Ngikhombise indawo eyodwa lapho uNkulunkulu ake abeka khona umshumayeli wesifazane ebandleni, noma ake asho ukuba abe nguye. Kukuphi na?

Leyo yinselelo enkulu. Kodwa ngifuna ukuthola umbuzo wenu, manje, ubekwe epulpiti, ningikhombisa ukuthi ikuphi eyodwa yalezizinto; kulobubusuku, ngizoxolisa. Uma kungekho, manje-ke uma ungakahlangabezani nalezizidingakalo, manje-ke kungani ungahlangabezani nazo na? Uze ube ngomunye wethu. Unguye, empeleni, sekungashiwo.

176 Uma igama lakho liseNcwadini yokuPhila yeWundlu, uzohamba ekuKhanyeni, uzokubona ukuKhanya. UNkulunkulu uzoKwembula, futhi uzohamba kuKho. Kunjalo impela. Niyabo?

177 Manje ini? Anginibuyiseli ebandleni. Nginibuyisela eBhayibhelini. Manje, wathini uPawulu na? Wathini uPawulu na? "Uma ingelosi evela eZulwini ishumayela noma yini enye kuna*Le*, mayibe ngeqalekisiweyo."

178 UNkulunkulu wathi, "Onke amazwi omuntu mawabe amanga, awaMi abe yiQiniso." Ngakho angikhathali ukuthi noma yiliphi ibandla lithini, iPentecostal, iBaptisti, iPresbyterian. IZwi likaNkulunkulu liyiQiniso. Bakuqalelani lokhu na? Ngenxa yamahlelo.

179 IPentecostal Assemblies of God, namhlanje, ibinganikela nganoma yini, phansi impela ekugcineni kwezinhliziyo zalabobafundisi abakhulu, uma bengazange baqale lowombhedesho wo "bufakazi bokuqala obubonakalayo: ukukhuluma ngezilimi." Bayazi ukuthi lokho kuyiphutha. Ngeke kuwababambe amanzi. Impela kungeke. Ngingafakazisa kini ngeBhayibheli likaNkulunkulu ukuthi awumamukeli uMoya oNgcwele ngokukhuluma ngezilimi. Akukho phakathi Lapha. O, uyacabanga; ya, impela. Kulotshwe kwasondelana kakhulu ngangokuthi bekuyodukisa nabaKhethiweyo. Niyabo?

"Ukufihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wakwembula ezinganeni." Kuyisambulo sikamoya. Ubhekisisa isambulo sishaya kukho, futhi ukubhekisise kugqama. Niyabo, nakho lapho okhona. Niyabo? Nanso into oyibhekisisayo, mngane, uyabo, ilapho.

180 Sibonga uNkulunkulu ngoMoya oNgcwele OnguThisha wethu. Futhi Akaphumi nje bese ethola umbono othize oyinsumansumane endadlana, bese ewukhuphulela lapha bese ethi "O, haleluya! Nakhu, kuqinisile, kulotshwe lapha. Haleluya!" UMoya oNgcwele ubuyela emuva bese ukuletha ngqo phansi wedlule emBhalweni, bese ulibeka phansi ngqo, liqhubeke ngqo ngomBhalo. Niyabo? Yingaleyonkathi-ke othole ngayo iQiniso. Kunjalo impela. "Ngokuba kufanele kube ngumthetho phezu komthetho phezu komthetho, nomudwa

phezu komudwa phezu komudwa." Yileyondlela iBhayibheli elathi akwenziwe ngayo.

181 Wena uthi, "Uyaligxeka yini ihlelo?" Qhabo, mnumzane. "Uyamgxeka yini umshumayeli wesifazane na?" Qhabo, mnumzane. "Uyakugxeka yini ukukhuluma ngezilimi?" Qhabo, mnumzane. "Uyabagxeka yini lababantu obhaphathizwe egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele'?" Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Kodwa, ngithi, uma sebazi kangcono manje, uNkulunkulu uyobabeka icala uma bengakulandeli ukuKhanya. Ungahle ukuba ubungakwazi kwaze kwaba yimanje nje, kodwa usuyakwazi kusukela manje. Niyabo?

Manje, uma ungacabangi ukuthi Kuqinisile, hlola imiBhalo. Manje-ke thola indawo yakho, bese uyabuya bese ukubeka phezu kwalelideski kulobubusuku, futhi sizobona ukuthi kuqinisile noma qha. Manje-ke hamba uWuhlole, ngengqondo evulekile, inhliziyo evulekile.

182 Manje, lokho, manje, lokhu ukufundisa okunje kungokweTabernakele likaBranham, niyabo, lapha nje, khona lapha nje. Akukho . . .

183 Ngifisa sengathi ngabe akusilo i "Tabernakele likaBranham." Ngifisa sengathi nje lalibizwa ngokuthi "Itabernakele," lingenalo ngisho negama lami elinanyathiselwe kulo.

184 Ngilungiselela ukuguqula lendlu yokukhonzela . . . Nonke niyazi, ngenkathi siyithenga, ngayithenga ngenkathi ngisasebenza eNkampanini yezemiSebenzi yoMphakathi. Ngase ngibeka lento phezulu lapha, ngase nje ngiyibiza ngalokho ngenxa yokuthi uMfowethu Seward nabanye banameka igama lami kuyo ngenkathi beyifaka encwadini yobunikazi phansi lapho. Kothi nje ngingalungisa lento esikuyo manje, lendlu yokukhonzela izoguqulelwa kulokhu, umphakathi, futhi nje inikelwe; igama lami lisuswe kuyo.

185 Angicabangi ukuthi igama lami lifanele ukuba kuleyondlu yokukhonzela. Ayifanele ibe yi "Tabernakele likaBranham." Ifanele nje ibe yindlu yokukhonzela, "Ibandla leNkosi uJesu Kristu," noma into efana naleyo. "Itabernakele leNkosi," niyabo, "Indawo yokuhlala," "Indlu yomkhuleko," noma into ethize, enye, inikwe uhlobo oluthize lwegama. Ngidedele ibandla kube yibo abakhetha igama labo. Igama lami, ngi—ngingumuntu nje. Igama lami alikufanele ukuba kulokhu, kungabi lutho nje. Isizathu sokuba kubekwe igama lami kulena, ngoba igama lami lalisencwadini yobunikazi, yayithi, "Billy Branham." Niyabo? Futhi alifanele libe lapho. Qhabo, mnumzane. Ifanele ibe yindlu yokukhonzela yomphakathi. Leli, leli lifanele libe yi—yibandla lapha.

186 Nalelibandla liyazibusa. Akukho sigungu sabaphatheli noma abadikoni abazokutshela ukuthi yenzani. Lelibandla, evotini lonke, likutshela ukuthi yenza ini. Kunjalo impela, uma kukhona isinqumo.

187 Uma ungamthandi umelusi wakho, futhi kukhona abantu ababili noma abathathu othola okuthize okuphambana nomelusi, ngeke basukuma nabadikoni babo, abaphatheli, bakuyinoma yimuphi ophethe sikhundla abakuso lapha. Banevoti elilodwa nje. Yilokho kuphela. Uma engumsizi kamelusi, unevoti elilodwa nje. Ufana nje nelunga elejwayelekile elihlala emuva lapho. Lonke ivoti lebandla lixazulula udaba. Futhi lokho kulungile. Lokho ku—lokho kulungile. Akukho sigungu sabadikoni esixosha umelusi, noma akukho-melusi oxosha isigungu sabadikoni. Ibandla lenza lokho, evotini likawonkewonke lento yonke.

188 Liyazibusa. Asinababhishobhi. Asinababonisi abakhulu. SinoJesu. Amen! UngumBhishobhi. UnguMbonisi oMkhulu. UnguMelusi oyiNhloko. UyiNkosi. UnguMbusi. UnguMphilisi. Uyikho Konke kukho Konke. Futhi nje thina siyizikhonzi zaKhe, sihamba ekuKhanyeni. Amen.

189 "Futhi Umisile abanye eBandleni." Ini? "EBandleni." eMzimbeni. "Umisile abanye phakathi lapho." Ini?

"Kuqala abaphostoli," lowo yizithunywa zenkolo. Sinoyedwa lapha ebandleni manje, umfana omncane ohlezi emuva lapho, umngani wami, umfowethu, ngimbiza ngoCreech Jefferies. Ngolokuqala, ubizo oluphakeme ukwedlula lonke, isithunywa senkolo. Wena uthi, "Umphostoli uyisithunywa senkolo na?" Ngokoqobo. Hamba ubheke kwisichazamazwi futhi uthole ukuthi kusho ukuthini ukuthi um*phostoli*; kusho ukuthi, "othunyiweyo." Hamba ubheke, nokuthi kusho ukuthini ukuthi *isithunywa senkolo*, "othunyiweyo." Into efanayo. Uhlelo oluphakeme ukwedlula lonke yisithunywa senkolo esihamba izilwandle ngeNkosi uJesu. Ophakeme, "Kuqala abaphostoli."

190 "Okwesibili, abaprofethi." Yini umprofethi? Umboni. Hhayi lo owenza . . .

Hhayi umphostoli owenza sengathi uyisithunywa senkolo futhi ahlale ekhaya, kodwa lowo oyisithunywa senkolo ngempela.

Nomprofethi, umboni.

191 Abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, uhlanganise lokho-ke uMzimba.

Kulowomzimba wendawo, bese-ke, kukhona iziphiwo eziyisishiyagalolunye zokomoya. Esinye sazo ukuhlakanipha, ukwazi, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, zonke leziziphiwo ezehlukene okusemzimbeni wendawo.

Nalababaphostoli, abelusi, abafundisi, nabavangeli, bonke balapha ukuba baqiniseke ukuthi, kuleziziphiwo, lezizinto zisebenza kahle. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Uma bethola into engamanga ivuka, ngokushesha bayayigxeka, ngoba ayikho ngokomBhalo.

Ake kwenyukele umuntu lapha, athi, "Akabusiswe uNkulunkulu, nginamafutha ezandleni zami. Bukani *lapha*. Niyazi, ngi—ngi—ngikholwa ukuthi nginoMoya oNgcwele, futhi nginamafutha ezandleni zami."

192 Niyozwa umuntu ethi, "Lokho akusikho okwangokomBhalo." Kunjalo. "Asikuthathe futhi siye lapha ekamelweni. Asihlolisise wonke umBhalo. Ngikhombise emiBhalweni ukuthi kukuphi lokho, ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele."

193 Omunye wathi, "O, ngakhuluma ngezilimi. NginaWo."

"Ngikhombise emiBhalweni ukuthi lobo ngubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele." Kunjalo.

194 "O, iNkosi yangibizela ukushumayela," kusho omunye wesifazane.

"Ngikhombise emiBhalweni akwenza khona lokho." Ya.

195 "O, ngiyazi iNkosi yangitshela. Yangibusisa ngalobobusuku ngabhaphathizwa egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.'"

"Ngikhombise emiBhalweni lapho khona ofanele ukuba wenze lokho."

196 "Awu, ngilunge nje njenganoma ubani omunye, futhi ngiyiMethodisti, noma iBaptisti, noma iPresbyterian. NgiyiPentecostal."

"Ngikhombise emBhalweni lapho uNkulunkulu asho lokho." Niyabo? Kunjalo. Akukho lapho.

197 Manje, kukhona inselelo evuleke kabanzi kinina malunga alelitabernakele. Kukhona inselelo evuleke kabanzi. Manje, uma uthola into eyodwa ocabanga ukuthi iyiphutha, engiyishilo kulokhu ukusa, into eyodwa ephambene nomBhalo, ubophezelekile ukuba ukubeke lokho phezu kwalelipulpiti kulokhu ukuhlwa. Kunjalo. Kulethe bese ukubeka lapha. Ungikhombise emBhalweni, ivesi eBhayibhelini ukuthi kukuphi lapho okwakukhona khona ihlelo, ukuthi uJesu wenza ihlelo, kumbe noma yiyiphi yalezizinto engizifundisile. Lapho Ake agcoba khona futhi wabeka umuntu wesifazane ebandleni, njengomshumayeli; lapho ake Agcoba khona ukufafaza, ukuthela, noma—noma yini yalolohlobo ekade ngikhuluma ngayo. Ibeke lapha.

Manje-ke, kulobubusuku, singena, uma iNkosi ithanda, ekutheni, "umbhaphathizo kaMoya oNgcwele," nasekutheni

"inzalo yenyoka, neyowesifazane." Kulungile. "INkosi inibusise. Bangaki ozizwa ekahle na?

O, kuthi angihambe ngiqhubeke,
O, kuthi angihambe ngiqhubeke;

Manje liculeni kamnandi ngempela eNkosini.

Ikhaya laseZulwini likhanya bha,
Futhi kuthi angihambe ngiqhubeke.

O, kuthi angihambe, ngihambe ngiqhubeke,
O, kuthi angihambe, ngihambe ngiqhubeke;
Ikhaya lami laseZulwini likhanya bha,
Futhi kuthi angihambe ngiqhubeke.
[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

198 Manje, kade kukhona into eyodwa selokhu ngibe kulesisikhathi sokuphumula kulamaviki ambalwa, ngithole, lokho bekuyinkathazo ngami. Futhi ngifuna ukukuvuma manje ebandleni lami. Ngahlala emuva mva kwalezozihlahla ze oki nehikhori, ezansi lapha ngitadisha. "Ngalenza kuphi iphutha lami lokuqala na? Yini eyangenza ngaphambuka na? Kwakuyini na?" Niyazi ukuthi ngatholani okungenza ngibe sephutheni na? Kukhona into enjengokuthi uhamba uze weqe ngento ethize. Benikwazi lokho na? Ungazama ukuba kahle, futhi uzame ukuba ulunge, futhi-ke ungalunga kuze kweqe. Futhi nje ngidedele abantu bangiyise le na le. Niyabo?

Bayothi, "Awu, Mfowethu Branham, woza ngapha. INkosi ingitshele ukuba ngikutshele lokhu."

"Awu, kulungile, mfowethu, sengifikile."

"O, Mfowethu Branham, ungayi *ngapho, ngapha*."

199 "Awu, mhlawumbe kungcono ngingayi lapho." Niyabo? Futhi awazi ukuthi uzokwenzenjani. Yilokho okungenza ngiguliswe yimizwa.

Ngiya lapho iNkosi engiholela ukuba ngiye khona, futhi anginandaba ukuthi ubani uthini ngakho. Niyabo? Kunjalo impela. Ngakho, ngeke ngalimaza imizwa.

200 Ngase-ke ngiqaphela enye into. Abantwana bami enhla lapho sebephenduke baba ngabaguliswa yimizwa, bememeza kakhulu ebusuku, nakho konke, abantu benqwabelana bephuma bengena endlini lapho, sonke isikhathi, abantu bevela ndawo zonke. Angibasoli abantu kulokho, abantu abagulayo. Kodwa sinakho konke lokho kuhlelekile.

Futhi lapha ebandleni, uma ngifika ukuba ngibambe umhlangano, ngani, ngicishe impela ngiphume ngesinyelela, ngiphume ebandleni, ngoba abantu nje babambelele, na *lokhu* na *lokho*. Ngikhathele kakhulu, futhi ngezinye izikhathi ngiphumela enkonzweni yokuphilisa, futhi angimuhle ngempela kuzo, ngithi . . .

"Awusho, Mfowethu Branham, iNkosi ithe . . . "

"Ya. Uma siza ngapha, sihambe i . . . " Akulungile. Bengingafanele ngenze lokho. Asidingi ukuba senze lokho.

201 Manje senze amalungiselelo ukunakekela lokho. Futhi manje, khumbulani nje, noma yimuphi umuntu ofuna . . . Ngifuna ukubona wonke umuntu. Futhi ngifuna ukuba nesikhathi, futhi ngikhulume nabantu. Lendlela, ungeke. Ufaka umuntu lapho, nento yokuqala niyazi, sonke isikhathi sakho sesiye koyedwa, futhi—futhi awukwazi ukuthola ukuthi ubone omunye. Futhi lokho akulungile. Abantu basuka kude, ukuba nje bazoba namazwi ambalwa nawe. Futhi uma uNkulunkulu e—enike labobantu lokho kukholwa kimi, ukukukholwa lokho, bafanele isikhathi esincane sokufundiswa. Ubungeke ubabuyisele emuva, uthi, "Qhabo, angiboni-muntu." Lokho akulungile. Ngoba, ngiyesaba ukukwenza, ngoba . . .

Omunye uyafika wayesethi, "Manje, iNkosi iyangitshela, Mfowethu Branham, ukuthi ufanele wenze into *thize, thize*. Lena yi—lena yintando yeNkosi manje." INkosi izongitshela intando yaYo.

202 UMnu. King, bangaki omkhumbulayo uR. A. King, wayevamise ukuza lapha, wayesezansi lapha na? Wathi . . . Ngangakha isikebhe enhla lapho, ngesinye isikhathi. Wathi, "Manje, Mfowethu Branham, wakha lesosikebhe ngokuchaza kwakho uqobo."

203 Wathi, "Ngangakha . . . Noma, enye indoda yayakha isikebhe ngesinye isikhathi, kwase kufika umfo, wathi, 'Ubufanele usike lezizintango ezizungeze isikebhe esinqeni saso *kanje*.' Awu, yakuzama ngaleyondlela. Enye yathi, 'O, ubufanele ukwenze *kanje*, yonke into, i—izimbambo nayo yonke into. Isikebhe sifanele sibe *kanje*, nomphetho ufanele ube *kanje*, nekhanda, nengemuva, nesi—siqondiso.'"

204 Wayesethi, "Sasiyinto ebukeka iyimbi kunayo yonke owake wayibona, esesenzile." Wathi, "Yavele yasithatha isikebhe yase isipakisha ngemuva egcekeni elingemuva. Yayisiqala iphuma namasaha ayo, izisikela esinye."

205 Wathi, "Kufika omunye wayesethi, 'Awusho, bekufanele usakhe *kanje*.' Yathi, 'Leso, sakhiwa ngeziyalo zomunye, singaphandle egcekeni elingemuva. Ngakha lesi ngendlela engicabanga ukuthi sifanele sakhiwe ngayo.'" Kunjalo.

206 Manje, uNkulunkulu, uma Efuna ngenze noma yini, Uzongitshela ukuthi angenzeni. Uma ucabanga ukuthi nginephutha kwengikwenzayo, kumbe noma yini enjengaleyo, ngikhulekele, ukuthi uNkulunkulu uzongiqondisa. Niyabo? Isizathu angikwazi ukulalela kwabaningi kakhulu.

207 Manje, nina lapha mhlawumbe ebandleni, nifanele nje nilalele mhlawumbe abantu oyedwa noma ababili, kodwa

lapha ngingena emashumini ezinkulungwane. Ngingakwenza kanjani na? Ngase ngithi-ke, "Ngaphambi kokuba ngenzele noma yimuphi umuntu impendulo, ngizohlala phansi futhi ngikufundisise kahle, ngibone ukuthi uMoya oNgcwele uholela kuyiphi indlela. Ngizobe-ke sengimtshela noma ngitshele owesifazane, noma ngabe kuyini, naleso yisinqumo sami. Ngizonamathela kuso. Kunjalo, ngihlale khona lapho."

208 Manje, izingxoxiswano ziyalungiswa. Noma ubani ofuna ukungibona, kulunge ngokuphelele, uma uzoshayela e BUtler 2-1519. Buka ebhukwini lezingcingo nje futhi uthole uWilliam Branham, BUtler 2-1519, amalungiselelo azokwenziwa ezingxoxiswano. Kuyobekwa phansi, ngaso impela isikhathi nendawo yokukwenza. Futhi ngingahlangana nawo wonke umuntu, ngibonane nabo, ngibasize nezinkinga zabo nezinto. Kodwa ngeke nje ngangena bese ngihlala usuku noyedwa, namahora amane noma amahlanu na *lona* oyedwa, futhi ngosuku olulandelayo ngilahlekelwe yiyo yonke into. Sinesikhathi *esingaka*. Siyababuza ukuthi bafunani, nokuthi yisikhathi esingakanani, bese sikuletha sikwehlise ngqo. Futhi sibone wonke umuntu. Sinakho lokho.

209 Nendoda ephendula ifoni kuzoba nguMnu. Mercier lapha, noma uMnu. Goad, ohlezi khona lapho. Futhi bazokulungisa lokho kahle ebhukwini lami, impela, lezingxoxiswano, ngizobona wonke umuntu.

210 Uma kuyisehlakalo esikhethekile, uma kuphakathi nesikhathi senkonzo yomkhuleko manje, wabagulayo, ningenise abagulayo benu nabahluphekileyo futhi nibayekele balalele ubusuku noma obubili, manje. Sizokhulekela lezozehlakalo eziphuthumayo.

211 Kodwa manje-ke, emva cishe kobusuku obuthi abube bubili, ngifuna ukuqala phakathi enkonzweni yami entsha, futhi ngifuna ukubabuyisela lapha kulelikamelo. Ngoba, niyawazi umbono. Bangaki owukhumbulayo umbono na? Impela, niyawazi. Wethende elincane ekamelweni.

212 Manje, ngizongena noMeda, ebusukwini bokuqala, ngenxa yokungenisa abesifazane. Bese kuthi-ke uma ku. . .Ngibone ukuthi kusebenza kanjani naye nje ephakathi lapho. Bese kuthi-ke uma kungasebenzi kahle, ngaleyondlela, khona-ke ngizojika bese ngingenisa abesifazane ababili ngesikhathi esisodwa, ngikhiphe abesifazane ababili ngesikhathi esisodwa, ngoba bafika endaweni lapho kungowesilisa nje. Niyabo? Nalokho, kusobala, sinemiqondo ehlanzekile. Kodwa uDeveli akanawo phandle lapho, niyabo, ngakho uyocabangani ngakho, niyabo, nokuthi izwe lizothini.

Kodwa yinkonzo engingeke ngayidedela yaziwe emphakathini. Akukho namunye oyokuphinda kabili lokhu. Niyabo? Qhabo, mnumzane. Qhabo. Ngiyazi ukuthi

kusekuhlanganeni impela manje. Ngingabuka nje sengathi nje ngifnyelela phandle lapho bese ngiyakuthatha. Kulele khona lapho.

213 Izolo ebusuku bengiphupha ngaphambi nje kokuba ngivuke kulokhu ukusa, Mfowethu Neville. Bengi—bengiphupha iphupho. Futhi ngicabange ukuthi inkonzo . . . Angazi ukuthi bengenzani. Kodwa, noma ngabe bekuyini, o, ukhuluma ngezinto zenzeka, angikaze ngizibone ezinjalo. Ngivuke nje ngikhala, ngidumisa. Ngishaye umkami ebusweni ngesandla sami, *kanjalo—kanjalo*, nje ngidumisa uNkulunkulu, ngilele lapho.

O, ngi—ngiyazi nje ukuthi kukhona into ethize khona phandle lapha elungele nje ukufinyelela bese ikubamba. Kuzobakukhulu ukwedlula obekulokhu kuyikho. Kuzomangalisa. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ulungiselela ukwenza into enkulu. Kodwa manje sifanele siqhamukele kukho ngokuhlakaniphile, ngobuhlakani, naseZwini likaNkulunkulu ngqo. Ngokufanele. O, siyaMthanda.

214 Manje khumbulani, uma noma yimuphi wabangani benu noma yimuphi umuntu efuna ukungibona futhi efuna ukukhuluma nami ngento ethize encane engeyangasese, mabashayele u BUtler 2-1519 futhi kuyobakhona ingxoxiswano ehlelwayo phandle endaweni. Ngeke ngaba nabo ngasendlini enhla lapho, nangasetabernakele lapha, ngoba ningena lapha . . .

Ngishumayela kwedlule isikhathi ngempela. Futhi ngihlala lapha, ngoba anginani kakhulu kangako. Futhi nginibamba isikhathi eside ngakho konke engingakwenza, ukungenisa lonke iZwi. Ngoba, bangani, yilesisikhathi kuphela esiyoke senze ngaso lokhu. Konke lokhu kuzokwedlula, masinya nje. Siqonda ngqo sehlela esigodini, sehle ngqo. Bukani labo ohambile kusukela ngonyaka odlule, obe lapha. Niyabo? Ngakho sehlela esigodini. Sifanele sikwenze lokhu manje. Lokhu kuzokwenziwa manje. Futhi, manje, yingalesosizathu nginibamba.

215 Wena uthi, "Awu, lokho, kuthiwani ngomBhalo ngalokho na?"

Ya, uPawulu washumayela ubusuku bonke, ngobunye ubusuku obubodwa. Nendoda yawa yaphuma endlini, yazibulala. Bangaki okwaziyo lokho na? Ubusuku bonke! UPawulu waya ngale wayesebeka umzimba wakhe phezulu phezu kwayo, wayizwa, inhliziyo yakhe iqala ukushaya nenhliziyo yalowomfo, wathi, "Qhabo, i . . ." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> Masihambe neGama likaJesu,
> Siwa ezinyaweni zaKhe,
> INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa umqhele,
> Uma uhambo lwethu seluphelile.

Kulungile, sime ngezinyawo zethu.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana . . .
. . . yokunika injabulo nenduduzo.

Ngizonitshela ukuthi asenzeni. Jika lapho bese uxhawula omunye lapho, uthi, "Sawubona, mfowethu? Ngijabula ngempela ukwazana nawe."

